# *Ukungena EMoyeni*

Kuyaxaka, bengimi lapha ngikhuluma ngoMfowethu David, ngiyakholwa, izolo ebusuku, futhi nangu ebonakala emsamo kulobubusuku. Awu, lokho kuhle kakhulu.

2 Mfowethu David, siyajabula ukuba nawe lapha eChicago. Futhi kumnandi ukuba nani bazalwane emva kwami lapha, kulobubusuku, ukwazi ukwesekela kwenu emkhulekweni manje kungokwami, njengoba ngethula uMlayezo weNkosi; ngikhulekeleni.

3 Kumnandi ukuphuma futhi kulobubusuku lapha ehholo elikhulu, sihlezi kahle kakhulu, nabantu. Futhi phansi kokulindela kokubona ukusebenza, futhi, kuka—kaMoya oNgcwele, ukuba eze phakathi kwethu futhi, kulobubusuku.

4 Impela siwajabulele onke amahora alenkonzo, ukuba lapha. Kukhona. . .Kusukela ngeSonto eledlule kusihlwa, noma ngeSonto eledlule ntambama, njalo, sibe nesikhathi esimangalisayo, esimangalisayo kakhulu, noMoya oNgcwele wenze izinto ezinkulu phakathi kwethu. SiMbonile ephulukisa abagulayo, futhi enza izimangaliso, futhi usindisa abantu, futhi abagcwalise ngoMoya oNgcwele, nezinto ezinkulu nje. Yini enye ebesingayicela kuYe kunaleyo nalokho esiMbone ekwenza na?

5 Futhi ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi siphila osukwini lokugcina, nanjengabefundisi beVangeli, sinenhlanhla yokukhuluma, ngiyakholwa, kwabaKhethiweyo bakaNkulunkulu ngezinsuku zokugcina. Futhi kuyinhlanhla enje pho kithina befundisi ukuba nalenhlanhla yokuhlala emhlabeni lapha namhlanje, futhi sikhuluma onyakeni webandla wokugcina, iBandla lokugcina!

6 Ngiyakukholwa lokho, ngeqiniso, ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi sikhuluma manje onyakeni wokugcina webandla, lokho ekugcineni kuyophelela eBandleni laseLawodikeya futhi khona-ke sizo. . .UJesu uzofika futhi konke kuzophela. Futhi ngizojabula lapho lokho kwenzeka.

7 Ngizizwa njengoJohane wasendulo, "Noma kunjalo, woza, Nkosi Jesu." Wathi, "Noma kunjalo." Sengibone nje cishe okwenele ngakho. Ngangihambahamba, futhi kubukeka sengathi esikhundleni sokuba ngcono, ngani, izwe liya ngokuba libi kakhulu ngaso sonke isikhathi. Ngakho ngi—ngicabanga ukuthi njengoba uJohane wathi, "Nakalokhu, woza, Nkosi Jesu," khona-ke konke kuzophela.

8 Futhi ngi, niyabo basenayo lencwadi encane, ebekwe lapha, yombono oshicilelwe. Futhi njalo uma ngicabanga ngalokho, inhliziyo yami iyavutha ukuba nje ngiqhubekele

phambili emhlanganweni, ngenze okuthile khona lapho, ngoba kungukuthi, ngeke kube yisikhathi eside kuze kube, mhlasimpe, ngeke sibe nesikhathi sokwenza noma yini. Ngakho sifuna ukukwenza manje, ngenkathi sisengakwenza. Futhi kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo, kulobubusuku, futhi.

9 Manje, kusasa ekuseni ukudla kwasekuseni kweBusinessmen, ngiyakholwa, khona lapha ezinkundleni. Ngikholwa ukuthi ba...Sekuvele kumenyezelwe, ukuthi kuzoba nesidlo sasekuseni seBusinessmen kusasa. Futhi ngicabanga ukuthi umphakathi umenyiwe kulokhu. Inqobo nje uma uza, ngani, sizojabula kakhulu.

10 Futhi kuba yinkatho yami ekuseni, uma kuthokozisa kuNkulunkulu, uku—ukukhuluma, esinye sezikhulumi okungenani, ekudleni kwasekuseni. Futhi ngithemba ukuthi iNkosi izohlangana nathi sonke, futhi uma ungakaze uye kokunye kwalokhu kudla kwasekuseni, abanye benu bosomabhizinisi lapha, bedolobha, ngempela kuyonisiza ukuba nize futhi nizwe lokho uNkulunkulu akwenzele abanye osomabhizinisi.

11 Manje, ungahle ube yindoda ephumelelayo, mayelana ne...njengoba ibhizinisi lakho liphathelene, kodwa asizami ukwethula okuthile kuwe ukukwenza elingcono, noma—noma, ukwenza ibhizinisi lakho libe ngcono, sizama ukwethula iNto ethize kuwe ezokwenza *ube* ngcono, Lowo ngu—Lowo nguKristu, niyabo, uKristu.

12 Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, iBandla kudala lalahlekelwa uhlelo lwalo ngenkathi lizama ukuqhathanisa nezwe, ngemfundo, nangokudlala, nangokuzijabulisa, kanjalonjalo. Si—si—asisoze saqhathanisa nabo, abantwana basebusuku uhlakaniphile kunabantwana bemini, bahlakaniphe ngokwedlulele, uJesu washo njalo.

13 Futhi asisoze sabanika ukuzijabulisa, futhi—futhi empeleni, iVangeli alisikho ukubenyezela, lingukukhazimula, niyabo, lingukukhazimula, okuthambile nokumnandi. Futhi si... KuneNto eyodwa nje esinayo izwe elingenayo, futhi elingebe nayo ngaphandle uma beba ngomunye wethu, sinoJesu, yilokho-ke, sinoJesu.

14 Asihlakaniphile njengabo, asithuthukile kakhulu kwisayense, asazi lutho ngalokho. Futhi asizami ukuhambisana nabo e...ukuba ne—nemfundo engcono, noma izikole ezingcono, noma okunye nokunye, futhi bathi, "Ibandla lethu lina*lesi*sikole," kanjalonjalo. Lokho kulungile kulowomugqa, kodwa sinoJesu, yilokho esizama ukukuletha ezweni, nguJesu Kristu. Futhi UyiNdodana kaNkulunkulu, futhi UnguMsindisi wethu, futhi siyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe, futhi leyo yinto yangempela.

15 Manje, abanye bethu ba. . .He, ngesingami, angazi, mhlawumbe, angiyazi iNcwadi yaKhe kahle kakhulu, kodwa ngi—ngiMazi kahle ngempela. Futhi lokho yi. . .futhi Yena. . . Nje, konke engifanele ngikwazi ngukuMazi. Ukwazi iNcwadi yaKhe akukuniki ukuPhila okuPhakade, kodwa ukwazi Yena kungukuPhila, ukwazi Yena, uMuntu weNcwadi, ngukuPhila.

16 Manje, kusasa ebusuku futhi, khona-ke silindele uku, iNkosi ithanda, ukuba nenye inkonzo yokuphulukisa. Bese kuthi-ke kusasa, noma, ngeSonto ntambama ukuvala lomhlangano, bese-ke ngiyasuka, khona-ke, ngiye enhla enyakatho yeBritish Columbia, naseDawson Creek, naseGrande Prairie, naseFort Saint John, nakuleyongxenye yezwe enhla lapho, okwe, mhlasimbe, lonke ihlobo. Ngakho yibani semkhulekweni ngathi manje. Futhi sethemba ukunibona ekudleni kwasekuseni ekuseni, futhi siqhubeka nomhlangano.

17 Manje, futhi ningakhohlwa manje, nina zihambi, bonke lababazalwane phezulu lapha kulobubusuku, isizathu sokuba behlezi lapha, yingoba bangabefundisi baleliVangeli elifanayo. Futhi tholani lapho amabandla abo ekhona futhi nibagcwalisele wona ngeSonto ekuseni, manje, ngombuthano omkhulu. Sethemba nje ukuthi ushiya eyangempela, imvuselelo enhle ngempela, ihamba idabula edolobheni nje, futhi, kuze kufike uJesu.

18 Manje, uJoseph omncane lapha, uBoze, ubehlale engitshela lokho, eminyakeni eyedlula, phandle eLake Shore Drive, sahlala ngelinye ilanga, futhi wathi, ngesiNgisi sakhe esiphukile, "*Bruder* Branham, besihlala njalo sinomuzwa enhliziyweni yami ukuthi bengifuna ukubona iChicago izamazamile, ngifuna ukubona iChicago izamazamile." Wathi, "Eminyakeni edlule, ngivela eNew York lapha ukuzobona iChicago izamazamile."

19 Ngokunye ukusa, ngaphambi nje kwezingxoxiswano zami, ngibe nokudla kwasekuseni noJoseph, futhi bengihlala njalo ngimthanda kakhulu, futhi ngakho-ke, ngathi, "Mfowethu Joseph, isifiso sakho—sakho esikhulu sesigcwalisekile, kuphela angikholwa ukuthi uyazi, uyakuqonda." Niyabo? "Lapho ukhuluma ngokuthi, 'nyakazisa idolobha; nyakazise isizwe,' lokho akusho lokhu lapha ifolishi le-athomu eligijima lizungeza lapha, lokho kusho ukuthi iBandla, iBandla yilona elithola ukuzamazama, nje, hhayi iqembu lobufundisi basesontweni, kodwa u—uMzimba kaKristu, yilowo ozamazamayo bese ebuyela e—emgqeni futhi."

20 Futhi bona, iqembu laseChicago linakho, liyazi ukuthi kunjalo, ukuthi babenokuzamazama kwangempela eminyakeni embalwa edlule, kuleminyaka eyisithupha edlule noma eyisikhombisa. Ukuthi amadoda amakhulu kaNkulunkulu afike kanjani kulelidolobha futhi ashumayela kwabaKhethiweyo, nezibonakaliso nezimanga nezimangaliso kwenzekile, kuze

kuthi lokho kungabi nazaba, ngokuphelele, akunazaba, kungukuthi, “Phendukani noma nibhubhe,” yilokho kuphela.

21 Manje, nina enibhala okwe, noma, nibhala phansi izindikimba, njengoba besingakubiza kanjalo, nginemiBhalo embalwa na—namanothi abhalwe lapha kulobubusuku, ngendaba encane ebengifanele ngiyiqede maphakathi, ngeleshumi nanye nqo, kamuvanyana. Futhi ngakho . . . Mina, izolo ebusuku ngi . . . [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga, lokho kuhle ngani.

22 Ubusuku ngabunye, uBilly wathi, “Ngifuna ukubona lapho uya eChicago, uma ungaqeda ngobusuku obubodwa, phakathi, ligamenxe elesishiyagalolunye, ngifuna ukubona ukuthi ungakwenza yini.”

“O,” ngathi, “lokho kuzoba lula, ngizoshumayela imizuzu engamashumi amabili kuphela noma yibuphi ubusuku.”

Njalo ebusuku, uyaphuma, wathi, “Ukugeje kangakanani kulobubusuku na?”

23 Ngathi, “Khona ngqo ngaphezu kwamahora amabili, into ethile efana naleyo.” Kodwa a—angazi kakhulu kangako, kodwa ngiyathanda nje ukuqhubeka ukusho lokho engikwaziyo, ngakho, kuze kuzike.

24 Umfundisi omdala ngesinye isikhathi, waya ebandleni. Ngiyazi ukuthi lena akusiyo indawo yoku, yokuncokola, angiqondile lokhu emahlayeni, kodwa nje ukuthi ngingahle ngiguqule indlela yokucabanga okomzuzwana nje. Waya ebandleni, futhi ubusuku bokuqala ashumayela kwakungokuthi “Phendukani.” Ubusuku besibili washumayela, kwakungokuthi “Phendukani.” Obesithathu, obesine, obesihlanu, ubusuku besithupha, washumayela ngokuthi “Phendukani.”

25 Awu, lokho kwakulungile. Ngakho amalungu ebandla ambizela ngaphandle futhi athi, “Dokotela,” athi, “siyawuthakasela umlayezo wakho ngokuphenduka, kodwa ubusuku obuyisithupha obulandelanayo, ushumayele umlayezo ofanayo, ngokuphenduka.”

Wathi, “O, awu, lokho kulungile.”

Athi, “Awunawo omunye umlayezo na?”

26 Wathi, “O, yebo, kodwa bonke mabaphenduke kuqala, khona-ke ngizoshumayela ngenye into ethile, niyabo.” Ngakho, yilokho-ke. Emva kokuba bonke sebephendukile, awu khona-ke uyoshumayela ngenye into. Ngakho-ke lokho ifilosofi enhle impela, niyabo. Phendukani size sonke sithole ukuphenduka, lokho bekuyoba kuhle, ngineqiniso besiyoba lapha isikhathi eside.

27 Ngale emaKhosini esiBili, isahluko 3, futhi ngifuna ukufunda ivesi 15:

*Kepha manje ngiletheleni umshayi wogubhu. Kwathi, umbethi wogubhu ebetha, isandla seNkosi saba phezu kwakhe.*

28 Futhi uma ngiyofuna ukudonsa lapho indikimba, ukuze ngidwebe ingqikithi, ngingahle ngithathe lendaba lapha: *Ukungena EMoyeni.*

29 Kwakuwuguquko impela okwakwenzeke ngasePalastine ngalezizinsuku, into eyodwa enkulu yayenzekile, omkhulu, umprofethi odumileyo wayehlwithiwe, wakhushulelwa eNkazimulweni. Futhi kwakungukulahlekelwa okukhulu eBandleni, lapho indoda enkulu kanjalo ikhishwa.

30 Kodwa induduzo enje pho okwakufanele iyinike isizwe, okwakuyiBandla ngaleyonkathi, ukwazi ukuthi lendoda, ithunyelwe kubo ukumela uNkulunkulu, wayeye eKhaya ngaphandle ngisho kokufa, owayekade ehlwithiwe futhi wakhushulwa. Umfanekiso omuhle kakhulu, u-Eliya ayeyiwo, walolusuku.

31 Lapho, kungahle kuphume kancane emgqeni oshayiwe kwenye indoda elazi kangcono iBhayibheli kunami, kodwa ngithi ukukholwa ukuthi kuzobakhona uMlayezo ngezinsuku zokugcina, into ethile efana no-Eliya, naleloBandla lika-Eliya elifana nalo, lizoba njalo, lingafi kodwa liguqulwe, lithathwe liyiswe phezulu, uMlilo uzoLithatha uliyise eNkazimulweni, uMlilo wePentecostal uzoLihlwitha.

32 Nokho, uNkulunkulu njalo wenza i—indlela yeBandla laKhe, lapho Eseqedile ngomuntu oyedwa, Unomunye olindile. NoNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze umoya wakhe, Uhlala njalo enomunye umuntu Angabeka umoya wakhe kuye.

33 Futhi kuyaxaka, kodwa ngeBhayibheli, Akazange abe nabaprofethi ababili, abaprofethi abakhulu besebenza ngesikhathi esifanayo. Wayehlala njalo enomprofethi oyedwa, khona-ke ngenkathi Eseqedile ngalowo, Wamsusa wayesebeka omunye endaweni yakhe.

34 Yilokho Ayekwenzile, Uguqula izithunywa nje, kodwa umoya ofanayo: u-Eliya no-Elisha. Nokuthi ngifisa kanjani ukuba benginesikhathi sokungena kukho kulobubusuku, ukuqaphela ukuthi ngenkathi uNkulunkulu esebize omdala, umprofethi okhathele ephuma emsimi . . . Wayeshumayele ngokumelene noJezibele nesixuku sakhe sezwe, futhi—futhi waklabalasela o-Ahabi, nabaholi, nezinhlangano zabefundisi nayo yonke into waze wakhathala, noNkulunkulu wayezomyisa eKhaya. Ngakho Wavele nje wamehlisela emfuleni futhi . . .

35 Ngaphambi kokuba Akwenze, Wayefuna ukugcoba omunye owayezothatha lowoMlayezo ofanayo, niyabo, lowoMlayezo ofanayo wawufanele uhlale. Ngakho wehla futhi waphosa ingubo yakhe ende yawela kuka-Elisha. Futhi u-Elisha, emva

kokuba wayesegqoke ingubo ende ka-Eliya, ufanele ukuthi wayibuyisela emuva, wavele nje wayiphosa ngale kuye, futhi kufanele ukuthi wayibuyisela emuva futhi, ngoba yawa isuka emahlombe akhe ngenkathi enyuka.

36 Manje, sithola ukuthi u-Elisha, u-Eliya wazama ukumthena amandla, wathi, "Linda lapha, ngoba iNkosi ingibizile phezulu kwenye indawo." Bese-ke uthola ukuthi waya ezigabeni ezintathu: eGiligali, futhi waqhubeka wanyukela esikoleni sabaprofethi, neJeriko, wase-ke ehlela emfuleni futhi wawela iJordani naye.

37 Futhi uma siqaphela, njengoba sishumayele ngeSonto eledlule ngokuthi *U-Abrahama NeNzalo yaKhe Emva kwaKhe*, sithole ukuthi Wanika u-Abrahama imigamanxo emithathu: Ngokulungisiswa, embiza esahlukweni 12; isahluko 15, ngomhlatshelo wegazi kwakungukungcweliswa; ngesahluko 17, ukuncela amandla akhe emzimbeni waKhe, uMoya oNgcwele, kuye emzimbeni ka-Abrahama ukumqinisela indodana ezayo.

38 Njengoba Enzile iBandla, kanjalo Wenza iNzalo ka-Abrahama: ukulungisiswa, ngoLuther; ukungcweliswa, ngoWesley; umbhaphathizo kaMoya ngomnyakazo wePentecostal. Khona-ke ukubekwa kweNdodana, kunikeza iziphiwo eBandleni, bese-ke kubonakala esimweni se... WayenguNkulunkulu enyameni, ezibonakalisa Yena uqobo, azi izimfihlo zenhliziyo kulokho uSara ayekwenza ethendeni emva kwaKhe.

39 Kanjani leyomigamanxo, nokuthola lawomabandla eza ngqo kuleyondawo efanayo. Ukuthi Wadingeka kanjani aguqule umzimba kaSara no-Abrahama olandelayo, emva kwalowomlayezo, ukuze bamukele indodana ethenjisiwe. Futhi yilokho Akwenzile kuleliBandla, waLedlulisa ngento efanayo. Manje, into elandelayo wuguquko ngesikhashana, ngokuphazima kweso, nokuhamba.

40 Futhi sizofanele sibe nomzimba oguquliwe. Manje, uSara no-Abrahama kulolohlobo lomzimba, babengenakuyemukela indodana ethenjisiwe, base beneminyaka eyikhulu ubudala, Wadingeka aguqule umzimba wabo. Hhayi ukubabuyisela emuva, kakhulu impela, njengakwabancane, okungukuthi Wakwenza, kodwa futhi, abaguqule, ngoba babenjengoba babenjalo endaweni yokuqala. Kodwa Waguqula umzimba wabo ngangokuthi, ukuze babengamukela indodana.

41 Futhi manje, sithola into elandelayo ngokohlelo lweBandla manje, ngumzimba oguquliwe, hhayi thina bantu abadala ababuyela emuva futhi sibe basha, kakhulu kangako, kodwa sizobanjalo, futhi sizoba lapho sibasha, impela nje, kodwa sifanele sibe nomzimba oguquliwe ukuze semukele iNdodana, ngoba sizohlangana naYe emoyeni. Uhlwitho luyafika, lwaguqulwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso.

42 Manje, sithola ukuthi uNkulunkulu waletha u-Elisha ngenqubo efanayo, izigaba ezintathu ezehlukene. Kwase kuthi-ke emva kokushiya isikole, behlela eJordani, futhi bawela iJordani, khona-ke wayenengxenye ephindwe kabili yomoya ka-Eliya owawuphezu kwakhe (Manje, uJesu wathi, "Lezizinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, eziningi kunale niyakuzenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba."), ngumfanekiso kaKristu neBandla. UKristu wakhushulwa, noMoya ofanayo wawuphezu kukaKristu, wafika eBandleni laKhe.

43 Manje, lapho uKristu ayengaba sendaweni eyodwa kuphela ekhonzisa, manje, eBandleni laKhe, Wayengaba ngowomhlaba wonke, ekhonzisa umhlaba wonke jikelele. Cabangani nje, silapha eChicago kulobubusuku, sinoKristu, ekhonzisa; ngale eFiladelfiya, uKristu okhonzisayo; e-Afrika, eJapani, e-Eshiya, eYurophu, yonke indawo. Umzuzu. . . abantu ngawo lomzuzu, emhlabeni jikelele, baphulukiswa ngamandla kaNkulunkulu, abantu bemukela uMoya oNgcwele ngamadazini, ngawo lomzuzu, niyabo, umhlaba jikelele, okuphindwe kabili, uMoya waKhe wathululwa ngezinsuku zokugcina.

44 Ngokushesha nje lapho isikole sesayense yezenkolo, phezulu esiqongweni sentaba ukusuka eJeriko, uyabuya futhi wabona u-Eliya. . . u-Elisha uwelela ngaphesheya, futhi wasibona isimangaliso asenza, njengoba nje impela u-Eliya akwenza. Ngani, bathi, "Umoya ka-Elisha. . . u-Eliya uhlezi phezu kuka-Elisha."

45 Bese kuthi-ke, siyathola, manje-ke, ukuthi abantu babazi ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawuphezu kwalomprofethi. Ngakho babuza kuye, uma wayengeke abenzele isimangaliso, ngento ethize enhle. Wathi, "Sinomuzi omuhle lapha, ohlezi egqumeni futhi i—imibono mihle futhi yindawo enhle yesikole," kanjalonjalo, "njengoba u-Eliya wakha, kodwa amanzi lapha ayababa." Futhi babedinga esisha, isiphethu.

46 Futhi kusobala, babeguquka, babefanele bambe umthombo omusha. Futhi ngakho ungeke wafaka iwayini elisha ezimvabeni ezindala, liyoziqhumisa, niyazi. Futhi ngicabanga ukuthi namuhla wusuku futhi, lapho si—sidinga ukushintshwa kwamanzi. Sidinga uphiso lukasawoti, uphiso olusha lukasawoti okungakaze kubekhona lutho kulo ngaphambili.

47 Futhi uNkulunkulu ngokwejwayelekile uyakwenza lokho, avuse omunye umuntu omncane ophuma ndawondawo ongazi lutho, bese ephosa uphiso lukasawoti emanzini athize amadala obufundisi, futhi into yokuqala niyazi, konke kuba mnandi futhi, enye imvuselelo, uMoya oNgcwele wehlela kuwo wonke umuntu, uya ndawo zonke.

48 Yilokho esi—sikudingayo kulobubusuku. Yilokho esikudingayo futhi, ngesinye isihloko sikasawoti, anicabangi kanjalo, ukwenza mnandi amanzi na? Khumbulani, wathatha

uphiso olusha sha, okwakukade kungekho lutho kulo, wayesefaka usawoti kulo. Manje, usawoti uyisinongo uma uthintana, kodwa ufanele uthintane kuqala, ufanele enze ukuthintana kwawo.

49 Manje, manje, e—e, emuva ezweni lezombusazwe, kwakukade kukhona ushintsho olukhulu futhi. Kwakukade kukhona u—umuntu ogama lingu-Ahabi owayefile, nendodana yakhe, uJehoramu, wabusa esikhundleni sakhe. Futhi wayecishe afane nje, o, ngiqagele uyise, u-Ahabi, wayeqondise izinto ezimbalwa, kodwa waba mubi kokunye futhi.

50 Futhi ngakho, lokho kuthi akube ngaleyondlela, yenzani, lapho senza inqubo entsha, ngani, sikhipha izinto ezimbalwa inqubo endala eyayingenazo, bese sifaka okuthize mhlawumbe okubi kakhulu, futhi silokhu siqhubeka kanjalo nje. Kodwa yileyondlela okwakwenzeke ngayo ngalesisikhathi.

51 Ngakho, ebusukwini obumbalwa obedlule, ngakhuluma ngoJehoshafati ehla ukuzohlangana no-Ahabi, futhi wenza umbimbi naye, futhi wahlangana neqembu elingalungile. Manje, kuyamangaza ukuthi uJehoshafati, eseyinkosi, ngonyaka weshumi nesishiyagalombili wokubusa kwakhe, ngenkathi uJehoramu ethatha indawo ka-Ahabi, uJehoshafati wehla, noma, uJehoramu wathumela phezulu kuye, ngoba wangena enkathazweni, noJehoshafati ubuyela emuva ngqo futhi wangena eqenjini elingalungile.

52 Akumangalisi yini ukuthi senza lezozinto na? Bagxuma baphume ngqo epanini lokuthosa, bangene emlilweni. Uthola ukuthi abantu bazokwenza, uma. . .Bazophuma ngqo futhi baqale ukukhonza uNkulunkulu, bese kuthi-ke into yokuqala niyazi, bayobuyela ngqo ezweni futhi, iBhayibheli lithi, "Njengenja iya ebuhlanzweni bayo; nengulube yensikazi ekuzibhixeni." Nenja ibifanele yazi uma ubuhlanzo bebuyigulisa ngokwenele uku—ukubukhipha okokuqala, kuzokwenza into efanayo okwesibili.

53 Futhi uma isono sezwe sizokwenza umuntu aqonde ukuthi usephutheni kanye, ukumenza aphenduke, lizokwenza okwesibili. Ngakho kungani ungaqheli entweni empeleni na? Uma kukwenze wagula futhi wakususa, deda kukho. Deda kukho kanye ukubonakala kobubi. Futhi sithola ukuthi yileyondlela okuhamba ngayo, nokho, futhi sinakho nje, ngakho sasihlala sinakho njalo, ngakho-ke ngiqagele sizoqhubeka nje sibe nakho.

54 Kodwa sengathi ngiyabona ukuthi—ukuthi uJehoshafati wacabanga, "Awu, ngizokwehla futhi ngibone mhlawumbe lomelusi omusha, uJehoramu, uzohluka, uzokwehluka kancane kunalokho umelusi omdala ayeyikho." Kodwa sithola ukuthi wayengumelusi omusha olungile, kodwa wayenenqubo endala efanayo, wayesanda kwenezela nje izinto ezintsha kukho, futhi

wayenezele kwezinye izinhlelo ezintsha mhlawumbe inqubo endala eyayingenazo.

55 Yilokho engicabanga ukuthi senze inqwaba yakho namhlanje, bangane. Sinakho, thina bantu bePentecostal, lokho kukhulu kakhulu kwalokho esikwenzile, sithathe inqubo endala futhi sizama ukuqala imvuselelo entsha, kodwa into yokuqala niyazi, siyajika futhi senze ngemvuselelo entsha, sithathe nje inqubo endala ingene kukho futhi, futhi yilokho okudabula into.

56 Manje, lapha esikhathini esingeside esedlule, babhidliza into ngenkathi imvuselelo iqala emazingeni ePentecostal, ebizwa ngokuthi "Imvula Yosuku Lwamuva." Awu, baphuma baya ezindaweni ezehlukene, futhi bathi, "Asihleliwe," base-ke bethola ukuthi, babehlelwe baqina kunoma bonke abanye babo babenjalo. Niyabo, unenqubo endala ibuyile no—nomelusi omusha, futhi nje ayisebenzi, yilokho kuphela. Futhi kuthola yonke into ekudidekeni, khona-ke nonke nidabukile.

57 Ngakho yilokho okwenzeka lapha, uJehoshafati wehlela uku—ukuthatha u—ukubuka lomelusi omusha, uJehoramu, futhi wacabanga ukuthi mhlawumbe wayezobheka phezu kwenqubo yakhe futhi abone ukuthi wayenani, kodwa kwakuyihhuku kuphela ukuba limhhukeke enkathazweni futhi. Kwase kuthi-ke nabo bonke ubukhazikhazi nakho konke ayenakho ukumnika khona, sithola ukuthi wahamba, bahamba izinsuku eziyisikhombisa ngaphandle kokubuza eNkosini, bengazi ngempela ukuthi uNkulunkulu wayephakathi kwabo.

58 Manje, yileyo inkathazo, siqala kulezizinto, kodwa asimi neze ukuthola ukuthi ngabe, ngempela, yiNkosi phakathi kwethu noma qha, noma ngabe wuhlobo oluthize lwamadlingozi, noma uhlobo oluthize lokukusebenza, noma uhlobo oluthize lwenqubo yobuwula yento ethize. Besifanele si—besifanele siyixazulule into futhi sibone ukuthi ngabe ingekaNkulunkulu yini noma qha. Ngicabanga ukuthi yilapho esenza khona amaphutha ethu.

59 Yizinsuku eziyisikhombisa iBandla elizihambile, futhi sithola ukuthi esikhathini sezinsuku eziyisikhombisa, sikuthatha nje kalula ukuthi uNkulunkulu wayehambisana, yilokho esikwenzile. Sikuthathe kalula nje, "O, awu, sizohamba sijoyine ibandla, uNkulunkulu ukulo, akukho kungabaza nhlobo."

60 Hlola futhi uthole ukuthi ngabe uNkulunkulu ukulo noma qha. UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo," izibonakaliso, izimanga, izimangaliso. Futhi lapho sibona amabandla ethu ephola nalezozinto zingenzeki, ufanele ulinde uze uthole umvangeli othile okhethekile angene edolobheni noma okuthize, bese-ke beshaya izigujana

itamborini ezimbalwa bese bevusa amadlingozi amancane, uNkulunkulu akekho kulokho, qhabo.

61 Ngizonitshela esikudingayo namhlanje ngukubuyela eBhayibhelini elidala futhi, sibuyele ekufundiseni kwePentecostal yemfashini endala yeBhayibheli, sibuyele kuMoya oNgcwele, sibuyele emandleni kaNkulunkulu, sibuyele kuyo yonke imihlangano yomkhuleko yasebusuku, lapho belambele futhi bomele uNkulunkulu. Yilokho esikudingayo kulobubusuku emabandleni ethu, kwelethu . . . ukungenisa lokho ezinqubweni zethu.

62 Bathola ngaleyonkathi ukuthi uhambo lwezinsuku eziyisikhombisa ekugcineni lwabaletha ogwadule. Futhi sithole into efanayo, sibe neminyaka yebandla eyisikhombisa. Siphila manje eminyakeni yebandla lesikhombisa. Senzeni ngenkathi, kuqubuka imvuselelo na? Salungisa inqubo futhi sazenzela iqembu elincane ngapha ukuthi "Siyakukholwa *lokhu*. Futhi asizukuzihlanganisa ngalutho na *leli* qembu." Na *leli* qembu libalungisela iqembu elincane, abayikuzihlanganisa ngalutho na *leli* qembu lapha. Baqala nje ukuqophisana, bephikisana, beya emuva naphambili, futhi manje, siyathola phakathi kwakho konke, ukuthi sesihambe cishe izinsuku eziyisikhombisa futhi singenaNkulunkulu phakathi kwethu. Kunjalo.

63 Manje, umprofethi wathi kuyobakhona usuku olungayikubizwa ngemini noma ubusuku, bekungaba wuhlobo oluyisigayegaye, usuku oluhwaqabele. Sibe nalolohlobo losuku. Sibe nosuku lweminyaka eyizinkulungwane ezimbili edlule, lapho esibe nemihlangano futhi semukela uJesu njengeNdodana kaNkulunkulu, njengoMsindisi wethu, futhi simbonile uNkulunkulu enza izinto ezinkulu phakathi kwethu. Kodwa nokho, sekube yisikhathi eside kusukela ekuKhanyeni kwePentecostal.

64 Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili senza izinhlangano, sakha izikole ezinkulu, futhi saba nezinqubo, futhi sithole lapha, onyakeni webandla wesikhombisa, sithola ukuthi kukhona okuthile esikugejile, kukhona okuthile okungalungile. Sithola ukuthi sangena ogwadule, futhi zonke izithelo zomile.

65 Yilokho ibandla lePentecostal elikwenzile namhlanje, lizihlele laqina kakhulu, selize liyaphikisana, saze sathola ukuthi zonke izithelo somile. Asisenalo uthando, ukuthula, ukujabula, ukubekezela, inhlanganyelo, ebesifanele sibe nakho, njengoba babenayo ekuqaleni, izithelo zomile zonke ezingwadule.

66 Izinsuku eziyisikhombisa zihamba, ngaphandle kokuthola owangempela, uNkulunkulu ophilayo, sigijimele e*zimfundisweni ezigqamile* ezincane. UNkulunkulu wanika uLuther ukulungisiswa, wabaleka nakho; Wanikeza uWesley ukungcweliswa, wabaleka nakho; Wavumela abantu

bePentecostal bakhulume ngezilimi, futhi babaleka nakho. UNkulunkulu ufuna ukusibiza ndawonye ebunyeni bamandla ukubuyisela ukugcwala kukaMoya oNgcwele bungene eBandleni futhi, nazo zonke iziphiwo zokomoya zisebenza kuwo wonke umzimba wendawo.

67 Yebo, izinsuku eziyisikhombisa ngaphandle kukaNkulunkulu, wabaholela ogwadule. Yinto efanayo manje, isithelo saKhe somile. Ngiyacabanga njengoba lokho . . . lapho bephuma phezu kwegquma bevela ezigodini eziluhlaza satshani nezinto, baqala ukubona i—izindawo zithi ukoma.

68 Niyazi, wonke umuntu ufuna isipiliyoni sasesiqongweni segquma, futhi abafuni neze ukuthatha isigodi, wonke umuntu, ibandla lePentecostal, nalo. Njalo ebusuku, uma ungamemezi, usine, ugxuma phansi naphezulu, ukhuluma ngezilimi, futhi ugijima uzungeza iphansi lendlu, noma *enye into ethize*, ubungenalo nhlobo uhlobo lomhlangano. Awu, niyazi ukuthi kulungile ukuba sesiqongweni sentaba, lokho kuhle, kodwa ake ngikutshele, izithelo zenu zizoba yiqhwa phezulu lapho ebusuku, futhi lapho kufika ukubanda okungaphezu kokwejwayelekile, uyolahlekelwa yiso sonke isithelo sakho.

69 Yilokho okwenzekile manje, sibeka kakhulu ezehlakalweni zokusina zasesiqongweni sentaba, nokuqhaqhazela, nokugxumagxuma, esikhundleni semihlangano yomkhuleko yobusuku bonke, ezansi esigodini sesinqumo, lapho ozofanele wehlele lapho futhi uhlangane noNkulunkulu futhi ngempela uthulule impilo yakho kuze kwenzeke okuthile. Sivumele i . . . Sitshale izithelo phezulu lapho, kodwa iqhwa liyasibulala. Kunjalo. Njalo lapho kufika ukubanda okuncane, awunalutho ongaphumula kulo. Lapho idlingozi noma i . . . kufa, khona-ke ukumemeza akusekho konke, imisindo iyanqamuka, khona-ke i . . . wena ukuphi na? Isilingo siyafika, khona-ke ungeke wakuthatha.

70 Esikudingayo ngukwehlela kuleyondawo yokugaya, ezansi lapho kulesosigodi, umbe. Kunjalo impela. Yilapho iBandla lidinga ukuba khona kulobubusuku.

71 Awu, sengathi ngiyabona babeqaphela impilo eluhlaza satshani iqala uku . . . Wena uthi, "Eluhlaza satshani na?" Yebo, singahle sibe luhlaza satshani kodwa sinokuphila noma kanjani. Lokho . . . Ya.

Wonke umuntu uthi, "Awu, lesosigejane sabashumayeli bePentecostal, abanye babo . . . "

72 Ngangisesikoleni esikhathini esingeside esedlule, nendodana yami yatshela abanye abafundi, yathi, "Awu, ngivela esikoleni seBhayibheli saseSouthwestern, qobo lwami."

73 Yathi, "Uma ukwazi ukufunda nokubhala, ungcono kunalesosigejane *laphaya*." O, he! Awu, yathi, "Awu,

bayisigejane esiluhlaza satshani ukwedlula zonke engake ngazibona."

74 O, mfowethu, singahle sibe luhlaza satshani, kodwa sine... siyavumelana nezimo. Noma yini engesiyo engeluhlaza satshani izo, uyidonsa kancanyana futhi uzoyiphula.

75 Yileyo indaba namhlanje ngezehlakalo zabantu eziningi kakhulu, zome kakhulu futhi zigongobele. Sidinga into ethile evumelana nesimo ukuze umoya wehle, ungayiphephetha, futhi uyigijimise ngapha nangapha, futhi uyidonse ngapha nangapha, uyenze ikhule, ufake ukuphila kuyo. Ngingaqoka ukuba luhlaza satshani kancane futhi ngizivumelanise nezimo kuMoya oNgcwele, ukuze ngiWunike esikhundleni sokuma ngenza umsindo wokulila, njengenkonzo yomngcwabo, lapho Uvunguza unqamula kimi, uthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Leyo yinkonzo yomngcwabo.

76 O, lezozihlahla ezincane, nokho, lapho zivumelana nesimo futhi zinganikela kuMoya, noMoya uqala ukuzinyakazisa njengomoya ovunguzayo, uzigcwalisa zigcwale ukulunga kukaNkulunkulu, o, lolo wuhlobo lokuphila! Kungahle kube yisixheke esiluhlaza satshani, kodwa sona, yebo, yisigejane esinokuphila kuso. Lokho kuhle. Futhi uma noma yini ingenjalo, engenakho ukuphila kuyo, ifile, leyo yaziwa ngokwesayense, ukuthi ifile.

77 Izinsuku eziyisikhombisa, futhi kwabanjalo, khumbulani, kwakungalolosuku lwesikhombisa ukuthi bakuqonda lokho ababekwenzile.

78 Futhi ngicabanga ukuthi sehle ngoLuther, uWesley, ne—neBaptisti, iPresbyterian, iMethodisti, futhi kwehle njalo kanjalo, futhi manje kukulonyaka wokugcina, ukuthi sisanda kukuqonda nje esikwenzile. Ngikholwa ukuthi kungalesisikhathi manje, ukuthi ibandla lePentecostal likuqondile elikwenzile. Abangempela, abaholi abagcwaliswe ngoMoya, awangempela, amaKristu agcwaliswe ngoMoya omnyakazo wePentecostal, bayaqonda ukuthi kukhona okuthile okwenzekile, sebepholile. Ngoba wonke umuntu ezama ukuphila esiqongweni sentaba, wahamba wasuka ngaphandle kukaNkulunkulu.

79 Esikudingayo namhlanje ngukubuyela kuNkulunkulu, sibuyele esehlakalweni, sibuyele emuva. Awu, kusehoreni lesikhombisa ukuthi baqonda ukuthi babephandle lapho bengenazithelo, kungekho-thando, beqophisana, "Niyi-Oneness." Futhi, "UyiThreeness." Futhi—futhi, "Ungowe-Assemblies." Futhi, "UyiChurch of God." Futhi, "Uyi *lokhu*, *lokho* noma *okunye*. Asizukuzihlanganisa ngalutho nawe." Sibizana ngegama elibi nomunye, omunye, igama elibi.

80 Nezwe liyaphenduka futhi liyabuka, bese lithi, "Yini indaba ngalabobantu na? Bobabili bekhuluma ngezilimi ku *leli* bandla futhi beprofetha, futhi beqhubeka. *Lona* ngapha ku *leli* bandla, futhi bane. . . Abahloniphani ngisho, abanakho ukuhloniphana."

81 O, esikudingayo namhlanje ngukubuyela esithelweni sikaMoya: uthando, ukujabula, ukuthula, ukukholwa, ukubekezela. UNkulunkulu angathumela isiphiwo phakathi kwabo futhi bazokubiza ngokufunda ingqondo, bazokubiza ngodeveli, bazokubiza ngokunye okuthile. Uma ibandla elilodwa likuxhasa nelinye likucoshe, sekulungile manje. Ngoba *leli* lalinento ethile yokwenza nayo, alilungile. O, he, he! Isimo esidabukisa kanje pho! Yebo, mnumzane.

82 Siyaqonda ukuthi isithelo sokukholwa, isithelo sothando, ukujabula, ukuthula, ukukholwa, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Ukukhuthazela? Ngani, abakwazi ukubekezelela izinsuku eziyisikhombisa omunye nomunye kul'khuni, amahora ayisikhombisa, ngesinye isikhathi hhayi ngisho imizuzu eyisikhombisa. Bazogxuma baye phezulu bese bephuma begijima ebandleni uma usho into ethile engesiyo nje ncamashi inkolelo-mbono yabo encane eyisilwane esifuywayo eyiyo. Bafanele basukume futhi baphume ebandleni begijima phezu kwayo. O, abakwazi nje ukuhlala bathule umzuzu, bafanele baphume lapho, "Awu, lokho akusikho okushiwo nguMelusi u*S'bani-bani*. Haleluya, angidingi ukulalela into enjalo," aphume. O, wena olusizi! Kulungile. Nakho lapho okhona. Qhubeka.

83 Kodwa yilokho-ke, niyabo, balahlekelwe yiso sonke isithelo, siyakuqonda lokho. Isithelo sikaMoya somile, sonke siqotshwe phezulu, futhi silele sibunile, siyimpushana, sesilungele ukuphephuka. Yisimo *esinjalo*!

84 Siyaqonda manje, ukuthi izinhlangano zethu ezinkulu, zilungile, inhlangano, inqobo nje uma igcina uNkulunkulu ekuyo, inqobo nje uma inesithelo sikaMoya kuyo, inqobo nje uma inothando futhi inomusa, futhi evuma ukuhlanganyela nokusiza umfowethu olandelayo, akunandaba ukuthi kanjani, ukuthi ukholwa ini, uma engumfowethu noNkulunkulu emnika uMoya oNgcwele. UNkulunkulu unika labo uMoya oNgcwele oMlalelayo, kunjalo.

85 Ngakho uma unoMoya oNgcwele, amaMethodisti anoMoya oNgcwele, amaBaptisti anoMoya oNgcwele, amaPresbyterian anoMoya oNgcwele, i-Oneness inoMoya oNgcwele, iChurch of God inoMoya oNgcwele, awu, niqophisana ngani na? Asihlangane ndawonye, asiqhubeke, yilokho—yilokho esikudingayo. Niyabo, akusiyo inhlangano, yinqubo kuleyonhlangano ehoxayo; lowo ngudeveli owenza lokho.

86 Ngakho sithola ukuthi konke okwethu...zama uku... izakhiwo ezinkulu nezinhlelo ezinkulu zokwakha kanjalonjalo, sengathi ngiyabona njengoba—njengoba lababafo bekhwela phezu kwalentaba, lamakhosi nokunye nokunye, benyuka, baqaphela kwezabo ezinkulu, eziphakeme, izinhlelo zokwakha ezikhuphukayo, baqala ukubona isithelo siqala ukukhula siba sincane ngokuba sincane, futhi emva kwesikhashana kwakungasekho-sithelo nhlobo.

87 Futhi ngiyazi sikwenzile lokho, futhi sikubonile lokho esikhathini sethu, njengoba siqhubekele phambili kulonyaka wePentecostal. Ngenkathi sisemuva ezansi ngasekhoneni, cishe eminyakeni engamashumi amane edlule, kungekho ndawo yokuya khona futhi kwakunembobo encane odongeni ndawondawo, nesigejane sabantu behleka, bebabiza ngabagingqiki abangcwele, ngani, babengokomoya kakhulu ngaleyonkathi, banjalo manje, kunjalo.

88 Ibandla lalisesimweni esingcono, zonke izinhlangano ngaleyonkathi, kunoma linjalo manje, ngokukhuluma ngokomoya. "O, impela, sinempahla ebiza izigidi zamadola." Awu, lokho akusho lutho kuNkulunkulu. Ngingaqoka ukungabi neyodwa encane yezingubo, njengoJohane, ngizisonge ngesikhumba semvu, futhi ngazi uJesu Kristu, futhi ngazi ukuthi inhliziyo yami imsulwa futhi ihlanzekile phambi kwaKhe, ngani, impela, kunayo yonke imicebo yezwe.

89 Kodwa into ingukuthi, iBandla lihambile ngaphandle kukaNkulunkulu. Bahambile ngaphandle kwe ha-...futhi bathola ukuthi isithelo sikaMoya sesilishiyile ibandla. Ukubekezela, abanye babo benolaka olwenele, ngani, bebeyolwa nomsindo wesaha, bese kuthi-ke, futhi bekhulume ngoMoya oNgcwele, niyabo. Kungani isithelo sikaMoya siluthando, nokujabula, ukubekezela. Ukuhlupheka? Yebo, cishe—cishe imizuzu emibili, yilokho kuphela, futhi basuke bahamba, niyabo. Ngakho ukubekezela, isithelo sonke somile.

90 Izinhlelo zethu zokwakha ezinkulu zikhuphukile, kunjalo, ezethu ezinkulu, izinhlelo zemfundo ephakeme zikhuphukile, abelusi bethu bafundiswe kangcono, o, he, he! Sinazo nje zonke izinhlobo zeziqu, futhi—futhi kuhamba inqwaba ya *mazinga okushisa* emakhazeni futhi, lapho sifika phezulu lapho, cishe ngalesosikhathi, cishe amashumi amane ngaphansi kwezinga-qhwa, kubonakala kuba njalo. O, mnumzane!

91 Kodwa si—sinakho konke okwalokho, kunjalo. Njengoba sibona, sikhuphukela phezulu, kodwa sonke isithelo nezinto ziyasuka, onke amanzi okuPhila abonakala esha, akusekho ukuPhila okuPhakade. Kucishe kufane impela, njengoba ngishilo ngobunye ubusuku, abelusi bamatasatasa kakhulu nabantu bamatasatasa beshintshanisa amalungu, njengokuthatha nje isidumbu sisuka emakhazeni siya

kwamanye, indawo eyodwa nje siye kwenye, lokho—lokho kunjalo. Ezinye zazo ziyathoseka nezinye ziba yiqhwa, ngakho lokho kuthi nje akube ngendlela okwakwenza ngayo. Futhi ngathi ukuthola *izimfundiso ezigqamileyo* ezincane, okuthi emva kwesikhashana ziba ukuthi *kwakuyizimfundiso ezigqamileyo* futhi lapho sihamba, niyabo.

92 Futhi yilapho ibandla elifinyelele khona, kuze kuthi izithelo zikaMoya zonke ziyoma ndawo zonke. Sikubona ndawo zonke, niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Singavele nje siphume futhi sithi kuyiqiniso, ngoba kunjalo.

93 Futhi sithola ukuthi babefa phandle lapho ogwadule. Isimo esibi kanje pho, lapho lokho kwabaholela khona, ukuba bahambe ngaphandle kukaNkulunkulu. O, balanda inkombandlela yezinsuku eziyisikhombisa, o, impela, baqeda kahle. Bangakhomba emuva bese bethi, "Thina, singu *s'bani-bani* no *s'bani-bani*." Lokho kuyiqiniso ngokwenele. Kodwa uphi uNkulunkulu na? Yilokho-ke. Uphi uNkulunkulu entweni na?

94 Sinamasonto amakhulu ngokuthe xaxa nezinsika ezicijile ezinkulu phezulu phezu kwawo, iziphambano ezinkulu, nezihlalo zikanokusho, futhi singaqhathanisa nanoma yimuphi wabo, thina bantu bePentecostal singakwenza, imali igeleza kulowo owayengeke, izixuku ezigqoke kahle ukwedlula zonke, futhi mfowethu, oCadillac behlezi bezungeze ndawo zonke, kodwa uphi uNkulunkulu na? Uphi uNkulunkulu na?

95 Khona-ke lapho Engena phakathi kwakho, abaningi babo bathi, "Awu, ungakulaleli lokho manje, lowo—lowo ngumbhedo, unga—ungakunaki lokho." Niyabo? Iziphunzi ezifile nje, yilokho kuphela okukhona kukho. Manje, kunjalo. Isithelo somile futhi saphela kudala. O, ihora elibi kangaka esiphila kulo.

96 Futhi lapho lesisikhathi sifika, into yokuqala niyazi, baphelelwa amanzi. Babengenawo amanzi, futhi baqala ukukhala, "Maye, maye! O Nkulunkulu, Ube muhle kakhulu kithi ukusinika lezizakhiwo ezinkulu, kodwa," abaningi babo baqala ukukhala, "aphi aManzi okuPhila na?" Babona ubukhomanisi bungena, babona izwe selizofika ekupheleni kwalo, nabaprofethi beprofetha ukuthi ukuphela sekuseduze, kanjalonjalo, khona-ke siyamangala, "Aphi aManzi na? Kwenzekeni na?"

97 Futhi kwenzeka kwabakhona owamemezayo, noma, olungileyo wamemeza, "Akekho yini umprofethi ndawo ndawo ebesingamvakashela na? Akukho yini ndawondawo umprofethi na?" UJehoshafati olungileyo wamemeza, "Akekho yini umprofethi na? Sisesimweni esibucayi. Akekho yini umuntu othile ndawondawo esingabonisana naye ngalokhu na?"

98 Manje, uma izinhlangano zethu zisifake endaweni esikuyo ngoba sizehlukanisile omunye nomunye, kubonakala sengathi asinakho ukukholwa, khona-ke kuzofanele kubekhona into

ethize ndawondawo. Manje, abalungileyo bayamemeza, "Uphi lowomuntu kaNkulunkulu na? Uphi lowomuntu, ongasitshela na?"

99 Ulapha kulobubusuku kuMuntu kaMoya oNgcwele. NguYe ongakutshela ukuthi wenzeni, NguYe ongahlaba izinhliziyo zenu, NguYe ongambula izono zakho, NguYe ongasusa ukungabaza kuwe, noku*themba-kanjalo* futhi enze u*kwazi kanjalo* kuwe. NguYe ongakwenza, lowoMuntu kaNkulunkulu obizwa ngoMoya oNgcwele, NguYe okhona.

100 Manje, sithola ukuthi bonke baqala ukumemeza, futhi bebone ukuthi izithelo zonke zase zihambile, zazibunile, futhi zazingenamanzi. Futhi—futhi bona, indoda elungileyo, kusobala, okhethiweyo wathi, "Akekho yini, ndawondawo, umprofethi ebesingabuza kuye na? Akekho yini umuntu ebesingamthola owaziyo ukuthi asikhiphe kanjani kulesisimo, umuntu ongeyena owengxubevange yethu lapha na? Sonke singene lapha, senza umbimbi, futhi sahlangana ndawonye phezulu lapha esiqongweni segquma, futhi sizoya empini, futhi sithola ukuthi asinakho, akukho lutho esingalwa ngalo."

101 Yileyo indaba ngebandla namhlanje, sinenqwaba yamalungu, onke afile; sinenqwaba yezinhlangano ezinkulukazi, zifile; sinokushisekela okuningi, kodwa kusendleleni engalungile: ubani ongagqoka kahle ukwedlula bonke, futhi ubani ongathola phambili kakhulu, futhi ubani onesikole esingcono kunazo zonke, ongawina amaqembu amaningi kakhulu ebhola, noma adlale umdlalo wokuluthanda ibunco kangcono kunabo bonke, noma into ethile efana naleyo.

102 Sifuna uNkulunkulu, lutho lwalezozinto. Buyela kuNkulunkulu futhi.

103 "Kukuphi na? Akekho yini umprofethi ndawondawo ongasitshela ukuthi asenzeni na? Akekho umuntu ebesingabuza kuye na?" O, isimo esinje pho! Lokho kwakungukukhala kwendoda elungileyo, kwakukhona oyedwa kuphela wabo phakathi kwabo, lowo kwakunguJehoshafati, wayeyindoda elungileyo, kodwa wangena esixukwini esingalungile.

104 Yileyo indaba kulobubusuku, amadoda amaningi kangaka alungile, inqwaba yamadoda alungile, phandle kuzo zonke lezozinhlangano phandle lapho, zonke ezansi ndawo zonke, amadoda akahle, kodwa sibhekene neqiniso, sibhekene nento ethize, ukuthi lapho ubuMohamede nobuBuda nezinye izimfundiso ezigqamileyo kungakhipha kakhulu isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njengoba ibandla lamaKristu lingakhipha. Kunjalo.

105 Esikudingayo akusiwo umnyakazo ophathelene nokusebenza kwengqondo, akusiwo umnyakazo wesayense yezenkolo, kodwa sidinga ukuhamba kukaMoya oNgcwele ungene eBandleni, abantu baze bamemeze kakhulu, "Uphi

lowoNkulunkulu owake waphila na? Uphi lowoNkulunkulu wePhentekoste na? Uphi lowoNkulunkulu othatha inhliziyo yesoni futhi ayigeze ibe mhlophe njengeqhwa, Othatha isifebe emgwaqeni, enze inenekazi ngakho, ekhipha isidakwa ebhareni phandle ngaleya, futhi enze umshumayeli ngaso na? Uphi lowoNkulunkulu ongaphuma futhi athathe leyomilenze ekhubazekile futhi ayiqondise, enze lawomehlo aphuphuthekile ukuba abone, lezozindlebe ezingezwa ukuba zizwe, enze lowomdlavuza unyamalale na? Uphi uNkulunkulu owake wenza lokho na?" Yilokho-ke. Sithola ukuthi kukhona okuthile okungalungile.

106 Ngobunye ubusuku njengoba ngangishumayela ngendaba ethi, *IZindaba Eziqavile, Okukhulu Kunakho Konke Emlandweni*, uJohane omdala, amehlo akhe athola, umprofethi uJohane, wayethi ukuqothuka. Wayefana, wayenomoya ka-Eliya, no-Eliya waba nokuhluleka kwemizwa ngenkathi engaphansi kwesihlahla somjunipha, uJohane waba nokuhlukela kwemizwa etilongweni. Futhi wayengumprofethi onephimbo eliphezulu, lezozinzwa zisonqenqemeni, kwase kuthi-ke iso lakhe lokhozi lithuntubele, wathi, "Hamba ubone ukuthi benginephutha yini. Mbuze ukuthi UnguYe yini, noma, oMunye, noma sibheke omunye na?"

107 UJesu akazange amthumelele noma iyiphi incwadi, "Manje, nansi ethi *Ukhuthazela Kanjani Ngenkathi Usesejele*," noma okunye nokunye. Wathini na? Wamtshelani na? Wathi, "Hlalani nje futhi nibuke lomhlangano wantambama bese-ke nihamba nikhombise uJohane: Izinyonga ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, i . . . "

108 UJohane wayeshumayele iVangeli ukuthi uMesiya wayeza owayezo ha- . . . imbenge esandleni saKhe, futhi ahlanzisise iphansi, impela, ashise amakhoba ngoMlilo ongacimekiyo. Kodwa ngenkathi Efika, Wayengomncane, uMfo omnene, omnene futhi othobekile, aku—akuhlangananga kulokho uJohane ayecabanga ukuthi kwakufanele kube yikho.

Kodwa Wathi, "Hamba utshele uJohane ukuthi ngigijima ngqo ohlelweni, kulungile, yonke into ilungile."

109 Leyo yinto efanayo eyiyo kulobubusuku, ibandla, abantu bezwe kade befuna iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma elinye ibandla ukukhipha okuthize ukubuyisa uKristu, Usesikhathini ngqo: Izinyonga ziyahamba, izimpumputhe ziyabona, izithulu ziyezwa. Udumo! Usohlelweni ngqo. Amen. Akukho lutho olungalungile, Uqhubeka ngqo. UNkulunkulu usaphila, UsenguNkulunkulu.

110 Nalendoda elungileyo yamemeza, "O, akekho yini umprofethi ndawondawo esingabuza kuye na?"

Manje, kukhona umfowethu oyedwa olungileyo phakathi kwabo, futhi ngiyamuzwa ethi, "Yebo, yebo, ngi—ngiyayazi indoda enjalo, ngi—ngiyayazi indoda enjalo."

111 Sengiyambona nje eqalaza kuJehoramu, futhi athi, "Manje, awuzukumkholwa, ngiyazi nje ukuthi khona manje, awuzukumkholwa lomfo, ngoba uyihlo akamkholwanga. Impela akazange. Noyihlo wayenalesosikole phezulu lapho egqumeni lalesosigejane sabaprofethi enhla lapho, noma *ababizwa kanjalo*, futhi abamkholwanga. Ngani, bathi i . . . Nalendoda engiyaziyo, uMoya kayise uphezu kwayo. Wenza into efanayo uyise ayenzayo, wenza into efanayo eyenziwa ngu-Eliya. Nomoya ka-Eliya uphumula phezu kuka-Elisha, futhi kade ngisemihlanganweni yakhe, futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso." Amen.

112 Nkulunkulu sisize. Yilokho esikufunayo, imihlangano enjalo, lapho esibona khona uMoya kaBaba wethu, uJesu Kristu, owayeyi, u-Eliya wayengumfanekiso. Niyabo, uMoya, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." O, mfowethu, YiLowo.

113 Lomfowethu olungileyo wathi, "Ngiyazi ukuthi lendoda ikuphi. Ngi—ngiwubonile umoya ka-Eliya phezu kwayo, yathela amanzi ezandleni zayo, yahlala naye, futhi ngiyazi ukuthi umoya ka-Eliya uhlezi phezu kuka-Elisha, ngiyazi. UJehoramu," wathi, "awukukholwanga lokho. Futhi sonke isikole senu sabaprofethi emuva lapho besingeke sikukholwe futhi, ikholiji lenu lesayense yezenkolo, ngoba ngizonitshela ukuthi kungani, nasi isizathu: Ngenkathi u-Elisha esebuya futhi wabatshela ukuthi u-Eliya wayethathiwe, futhi wayenengxenye ephindwe kabili yakho, ngani, bathi, 'Indoda ilahlekelwe yingqondo. Bathola inqina yokuzingela cishe yamashumi amahlanu futhi ithole ukuthi ngabe wakwenza yini. A—akazange asukume, usalokhu ephandle lapho ndawondawo.' Futhi ba . . . "

114 Sizame zonke izinqubo zethu zobufundisi bezenkolo, o, ningangithukutheleli, kodwa ake nginitshele, lezizinqubo zobufundisi sezithathe iminyaka engaphezu kwezinkulungwane ezimbili ukuzama ukuthola iNkosi uJesu ophakeme ngezinhlelo zemfundo, ngesayense yezenkolo, nangezinhlangano zebandla, futhi behlulekile ukuMthola. Amen. Akafiki ngesayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu, Akafiki ngezinhlangano, Ufika ngenhliziyo ezinikele, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele enhliziyweni. Amen. Izinqubo zethu ezenziwe ngumuntu aziMtholi.

115 O, bahlela amaphathi futhi baphuma futhi bamzingela, bathi, "O, qhabo, uMoya awuzange uyiphakamise leyondoda. Manje yibani ngamadoda anengqondo, niyazi sonke sineZiqu zethu zobuCiko, kanjalonjalo, ngakho si—sazi kangcono kunento enjalo. I—indoda ehlezi phezulu lapha, futhi idla

isinkwa sommbila nathi, kanjalonjalo na? Ngani, siyazi ukuthi leyondoda yayingeke iphakanyiswe ngenqola yoMlilo. Umfana usetshenziwe wonke manje, ubengaphesheya lapho, futhi usebuye nenqwaba yobuhlanya, ngakho si—sazi kangcono kunalokho. Ngakho nje uhlalisa umfo omdala phansi, ikhanda lakhe—lakhe elinempandla lashisa kakhulu, niyazi, futhi ngakho u. . . asimphephethe nje kancanyana. Nonke hambani laphaya futhi nithole ukuthi kwenzekeni laphaya. Hlolani, nithumele inqina ethile."

Wathi, "Qhubekani, kodwa aniyikumthola."

116 Hlekisa ngami, ningibize *ngesilima* uma nifuna, kodwa uNkulunkulu u. . . awusoze waMthola ezinqubweni zenhlangano yakho. Qhabo, mnumzane. Waphakanyiswa, futhi Uyafika futhi ngesimo sombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi awusoze wafundisa abantu kukho, bafanele bazalelwe kukho, kufanele kube ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, akukho okufishane.

117 Hhayi ukusebenzwa kwengqondo, imizwa ethize, noma inqubo yobufundisi wasesontweni, noma isibonakaliso, kodwa kuzofanele kube ngowangempela, uMoya oNgcwele wangoqobo oletha isithelo sikaMoya wothando, ukujabula, ukukholwa, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ukukhuthazela. Yilokho-ke, yileyonto-ke. Yebo.

118 Impela uJehoramu wayengenakukwenza, wayengeke akukholwe. Yena, niyabo, abakwazanga ukukukholwa, isikole sathi, "Manje, awume kancane lapha, manje, siyazi lomfo uthi ukufuthelana, ngakho sizomvumela ahlale azungeze, futhi sizohlanganisa amaqembu ethu futhi sizophuma futhi simthathe futhi, uphandle lapho ndawondawo."

119 Futhi yilokho esizame ukukwenza iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Nabantu bePentecostal, nenza into efanayo, nizama ukuMcosha ngenhlangano. Awusoze wakwenza, uzehlukanise nabanye abafowethu, ufanele ubuye, futhi sifanele sibe munye, angikhathali uma indoda inephutha. Uma inephutha futhi iqotho enhliziyweni yayo, futhi uqinisile enkolelweni yakho futhi—futhi unephutha ekwenzeni ngendlela owenza ngayo, ngingaqoka ukuba sendaweni yakhe kunokuba ngibe kweyakho. Kunjalo. Ngingaqoka ukuba nephutha emfundisweni yami, futhi ngibe neqiniso enhliziyweni yami, uNkulunkulu uzokuhlonipha kakhulu.

120 Ngakho uma umuntu enephutha, kuthiwani ngakho na? Msize, udinga usizo, mthande. Uma ungakwazi ukuthanda isitha sakho ngokufanayo njengoba uthanda labo abakuthandayo, awungcono kunabathelisi. Kunjalo. Yilokho ibandla elihluleke ukukuthola. Ngethemba ukuthi niyakuthola kulobubusuku, ngethemba ukuthi niyabona ukuthi ngikhuluma ngani. Sekubuyele othandweni, uthando oluhlengayo, zonke ezinye

izinto zilungile, kodwa sifanele sibuyele enhlanganyelweni omunye nomunye.

121 Nabantu bathi ngilwa nezinhlangano, angilwi, ngilwa naleyonqubo phakathi lapho ebhidliza ubuzalwane, Bengikwenza njalo, futhi ngizokwenza njalo, kunjalo, leyonto ehlukanisa ubuzalwane. Asihlangane ndawonye, asibe ngabazalwane.

122 Ukuba bengingabona lonke ibandla kulelidolobha, lonke ibandla ezweni lifika njengoba sasinjalo ngokunye ukusa kulokho kudla kwasekuseni kwabefundisi, ngenkathi ngibona i-Oneness, iTwoness, iThreeness nabo bonke, begonana, izingalo zabo zigaxene, nengingathi, njengoSimeyoni wasendulo, "Nkosi, inceku yaKho mayimuke ngokuthula, ngokuba amehlo ami abonile insindiso yaKho." Kunjalo.

123 Ungakuthola kuhlakazekile emphakathini omncane, bese kuthi-ke into yokuqala niyazi, udeveli uzobuyela phakathi lapho, akuhlakaze futhi. Khona-ke unga . . . Kodwa kukho konke okwakho, ungeke wakwenza. Kuzokwenziwa ngolunye usuku, uNkulunkulu uzothumela i—isijeziso kubo futhi bazodingeka.

124 Ngakho umBhishobhi uJehoramu, wayengeke nje akukholwe lokho. Wayazi ukuthi wayengenakukukholwa, ngoba oyise abakukholwanga. Akakholwanga ukuthi u-Eliya wakhushulwa, ngakho uzokukholwa kanjani lokhu na? Ngesayense yezenkolo eyize, bahlola.

125 "Manje, siyisikole sabaprofethi, sikulungisile konke, siyazi nje impela ukuthi Ubefanele enzeni, siyazi nje ukuthi Ubefanele enze kanjani, siyazi ukuthi Ubefanele aziphathe kanjani Yena uqobo, siyazi ukuthi into kuphela ofanele uyenze ngukungena bese uthi, 'Ngi—ngiyakholwa,' bese uxhawula, futhi sizofafaza nga*le*ndlela noma sibhaphathize nga*le*ndlela, noma emuva nga*le*ndlela noma ngaphandle nga*leyo*ndlela, noma," o, he, "futhi sinakho." Manje, yileyondlela nje enza ngayo.

126 Futhi qhubeka futhi ubhaphathiza nga*le*ndlela futhi ubhaphathize nga*leyo*ndlela, futhi ufafaze nga*le*ndlela futhi ufafaze nga*leyo*ndlela, futhi uthathe isidlo nga*le*ndlela nanga*leyo*ndlela, futhi usalokhu uthola ukuthi awunaNkulunkulu. Unesimo sezinkambiso, yilokho kuphela. "UNkulunkulu unguMoya, nabaMkhonzayo bafanele bakhonze ngoMoya nangeqiniso." Amen. UNkulunkulu usithumelela abaprofethi emuva ukudabula into, nokukhipha iqiniso elizoyikhombisa. Isayense yezenkolo eyize. O, he!

127 Manje, sithola ukuthi wathi, "Yebo, ngiyazi lapho lomuntu othize ekhona."

128 "Sizokwehla nje futhi . . . " Awu, bona, awu, kusobala, abanye babo kungenzeka ukuthi bamangala ngakho. Kodwa—kodwa niyaqaphela lapha, ukuthi uJehoshafati, leyo yeqiniso,

inceku kaNkulunkulu ekhethiwe, wathi, "UMoya kaNkulunkulu uphezu kwakhe." Yebo, mnumzane.

129 Wathi, lomfo wathi, "Ngiyazi lapho kukhona khona u-Elisha," wathi, "wathela amanzi ezandleni zika-Eliya, umThishibi. Wa-. . . umoya ka—ka-Elisha uphezu, e, ka-Eliya uphezu kuka-Elisha. Manje, ngiyazi ukuthi unomoya ofanayo, ngakho ngakho-ke . . . "

130 Futhi kwathi nje leyondoda kaNkulunkulu ingezwa ukuthi umoya ka-Eliya wawuhlezi phezu kwenye indoda, nalendoda yayenza into efanayo eyenziwa ngu-Eliya, yayazi ukuthi lowo kwakungumprofethi wangempela. Futhi yayazi uma umoya wangempela ka-Eliya wawuphezu kwenye indoda, yayiyokwenza into efanayo eyenziwa ngu-Eliya.

131 Futhi ake nginitshele bazalwane bami, ake nginitshele bangane bami, lapho uMoya kaJesu Kristu ufika phezu kweBandla, iBandla liyokwenza into efanayo uJesu Kristu ayenza, Ku—Ku—Kuyo: "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Futhi Wakufakazisa, Wathi Ayokwenza, uma Engakwenzi, awu khona-ke, kukhona okuthile okungalungile ndawondawo. Benza nje uNkulunkulu aqambe amanga, uma bethi bayikholwa futhi lezizinto zingenzeki. Futhi Wathi onke amazwi omuntu mawabe amanga nelaKhe libe yiqiniso.

132 Ngakho sithola ukuthi wathi, lendoda yathi, "Umoya walowo wangempela, umprofethi weqiniso uhlezi phezu kwakhe."

133 Kwase kuthi-ke lapho nje, lona okhethiweyo, emele iBandla elikhethiwe lanamhlanje, abaKhethiweyo bakaNkulunkulu balolusuku lokugcina, wathi, "Khona-ke sizohamba simuzwe ngoba uMoya kaNkulunkulu uphezu kwakhe." O, ngiyakuthanda lokho! "Inqobo nje uma sibona lezozinto u-Eliya azenzile iphezu kwalendoda, sizohamba siyizwe."

134 Lomfowethu olungileyo wathi, "Awu, ngiphume ubusuku obuningi futhi ngiyizwile, futhi ngiyazi ukuthi leli yiqiniso, ngakho-ke sizowela nje futhi simbize."

135 Ngakho ngenkathi benyuka phambi komprofethi, o, he, u—uhlu olunje pho angena kulo! Lokhu kungahle kuthi ukulimaza ukungcweliswa kwakhe kancane, kodwa ngempela wabila kakhulu, wathi kuJehoramu, wathi, "Awuqhubekeli ngani kubaprofethi bakho uqobo na?" He! "Awuyi ngani kumprofethi kamama wakho na? Awuyi ngani kubaprofethi bakayihlo na? Qhubeka ngale kwababgcina umthetho ngamehlo bakho manje, futhi ubajoyine uma ufuna. Usenkathazweni, awuqhubekeli ngani ngale kubo na?"

136 "O, qhabo, qhabo," wathi, "kodwa iNkosi isikhiphele lapha." Wathi, "Sizo—sizo—sizofa. Sizobulawa kulokho . . . "

137 Niyabo, awuzukufa kuphela, sebevele bafile, zonke izithelo zoma, nawo wonke uMoya uphumile ebandleni, sekuvele nje kuba yi—yinhlangano yezenkolo. Kunjalo. Kukhona okuthile okungalungile. Uma singenakumbuyisela uNkulunkulu ebandleni ndawondawo, sizokwenzenjani na? Khona-ke sonke sizobhubha.

138 Futhi ngenkathi lomprofethi, emva kokuba eseqedile ukumthethisa, wathi, "Ukuba bekungesikho ukuthi bengibuhlonipha ubukhona bukaJehoshafati, leyondoda ekhethiwe, bengingeke ngisho ngikubuke." O!

139 Ngicabanga ukuthi yilokho uNkulunkulu abengakusho kulobubusuku. Ukube bekungenjalo . . . Nina bantu enizibophile ngalezizinhlangano ezehlukene futhi niqophisana, ukuba kwakungesikho ukuthi uNkulunkulu wayenezinhlonipho ngabantu ababekholelwa kuYe, bekungasoze kwabakhona u-Oral Roberts, kumbe noma yini ethunyelwe ezweni lonke, bekungasoze kwabakhona izibonakaliso nezimangaliso. Ubengeke ngisho asibheke ukuba bekunge . . . Sonke sinecala.

140 Uma kwakungengenxa yabaKhethiweyo, uma kwakungengenxa yeBandla, labo abakholwa ngempela uNkulunkulu, Ubengeke ngisho asibuke. Kunjalo. Kodwa ngoba kukhona abantu ofuna ukukholwa, uNkulunkulu unesithunywa sabo. Amen. UMoya oNgcwele ubuyodabuka futhi uhambile kudala.

141 Lomprofethi omdala ngempela wavusa intukuthelo yakhe elungileyo, futhi wabathethisa, futhi wabatshela ngalo lonke lolu umbimbi nezinhlangano ababenazo. Wathi, "Noma kunjalo," wathi, "ngiletheleni umshayi wogubhu." O, wadingeka ehlise ulaka lwakhe kancane, niyazi, wayevutha kakhulu, futhi ngakho wathi, "Ngiletheleni umshayi wogubhu."

142 Manje, kuthiwani ngabanye benu bantu beChurch of Christ, *ababizwa kanjalo*, abangakholelwa emculweni ebandleni na? Emva kokuba esethole konke ukushisa, wayedinga umculo omncane ukuletha uMoya phezu kwakhe. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Futhi, manje khumbulani, uNkulunkulu akaguquki, futhi uma umnyuziki omnandi waletha uMoya phezu komprofethi ngaleyonkathi, uyokwenza into efanayo namhlanje. Kunjalo impela, ngoba uNkulunkulu uyawuthanda. Impela.

143 Wathi, "Ngiletheleni umshayi wogubhu." Awu, wena uthi, "Awu, ya, angisuye umprofethi." Kodwa mhlawumbe ungaba yingxenye yomshayi wogubhu, uyazi, u—ungenza okuthile ngakho, yilokho kuphela. U—unobufakazi noma into ethile ongayenza.

144 Sengiyababona bekhipha umshayi wogubhu futhi adlale, "Konke kungenzeka, kholwa kuphela," futhi abuyise uMoya, aqale futhi. "Kholwa kuphela, kholwa kuphela, konke kuyenzeka," kwadingeka akudlale kancanyana ngaphambi

kokuba uMoya ufike phezu komprofethi. Kwase kuthi-ke ngenkathi kufika umprofethi, wabona, ngenkathi uMoya ufika phezu komprofethi, njalo, wabona umbono.

145 Manje, yileyondlela, niyabo, wayengenakukwenza... Izihlakaniphi, ezikhethiweyo, isigejane esikhulu sa—sabaphakeme kakhulu, amakhosi, namakhosi anamandla, ngasohlangothini lwezihlakaniphi, uhlangothi lwezemfundo, abakwazanga ukubona umbono, kunjalo, babephuphuthekile.

146 Yingalesosizathu, kulobubusuku, bafuna ukubiza umbono kaNkulunkulu ngesimo sengqondo, ukufunda ingqondo, umoya kadeveli noma okuthize, yingoba bahlakaniphe kakhulu, abazi lutho ngoNkulunkulu, kunjalo.

147 Kwakungumbono owakhuluma iqiniso, lolo kwakuluhlelo lukaNkulunkulu, leyo kwakuyindlela kaNkulunkulu, ngoba uMoya weNkosi wawuphezu komprofethi, neZwi leNkosi liza kumprofethi. Yebo, mnumzane. Futhi kufika kanjani na? Ngombono. Yebo, mnumzane. Kufika ngombono, hhayi ngobuhlakani, kwehlulekile. Futhi okufanayo kwenzile manje.

148 Futhi wathatha, futhi wabheka futhi wabona umbono, wacabanga, "Ngani, yilokhu," uMoya womlayezo. Manje, wabonani na? Manje, ngabe wavele wathi nje, "O, Jehoramu, udinga esinye isiqu. Futhi ngiyakutshela, Jehoshafati, ungene enkathazweni encane, ngakho ubufanele uhambe futhi utadishe isikhashana esidana, ngoba ngiyakutshela, awazi nje ukuthi zenziwa kanjani—zenziwa kanjani lezizinto, awazi ukuthi liholwa kanjani ibutho," noma okuthize na? Kwakungesikho lokho, akakwenzanga lokho.

149 Wathi, "Ngiyanitshela ukuthi benifanele nenzeni, benifanele nipholishe amadoda enu, awalugqokile uhlobo olufanele lomfaniswano, kuyilokho-ke. Benifanele nenze bonke abefundisi benu basesontweni bajikise ukhololo wabo, ukuze babukeke njengomfundisi wasesontweni, niyabo."

150 O, kuzoba sePentecost masinya impela, yebo, kuzoba masinya, kukho ngqo. Li ha-...Ibandla eliKatolika laba yibandla lokuqala lePentecostal, khumbulani. Kunjalo impela. Manje, nina, abanye benu bosomlando bayakuphika lokho. Futhi nikeza iPhentekoste eminye iminyaka eyikhulu namashumi amahlanu, iyoba kude kakhulu kunalokho ibandla lePentecostal linjalo, isilinganiso ehamba ngaso manje. Kunjalo.

151 O, yebo, ibandla eliKatolika liqala ePhentekoste, baseke belihlela base bethola izinhlangano ezinkulu phakathi lapho ezazifuna ukwenza *lokhu* na*lokho*, namaNikolawu anqoba abantu abangafundele lutho futhi athatha a—futhi asusa amandla kubantu abangafundele lutho phandle lapho. UMoya oNgcwele ungeke uphume *lapho*, ufanele wonke ube *lapha*, okushiwo ngumfo oyedwa, yilokho kuphela okwakho. UMoya oNgcwele uhlala kuwo wonke uMzimba kaKristu.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . uMoya oNgcwele uqhuba ibandla, ngani, bathole izithelo zome zonke, futhi niyabona ukuthi kukuphi manje. Awu, iPentecostal yashaya umzila ofanayo, yehla ngqo ngendlela efanayo, ngakho nakho-ke.

152 Manje, siyathola ngenkathi uMoya ufika, wawuyini umbono ka—kaMoya owawunikeza umprofethi na? Wathini na? Akashongo ukuthi, "Manje, khiphani onke amasosha enu bese niwafundisa futhi, ukuthi lapho eseyokhuphukela esiqongweni sentaba, azokwazi kakhulu ukuthi enzeni, afundise enye isayense yezenkolo. Ayefanele apholishe kancanyana, ayefanele aphathe ummese omude," noma into ethile efana naleyo, noma, "ayefanele agqoke umfaniswano ohlukile." Qhabo, akakushongo lokho.

153 Wathi, "Yimba. Phuma lapha kulolugwadule, abantu bakini bake banqamula lolugwadule, futhi babefuna i—isayense yezenkolo eNtabeni yaseSinayi." UNkulunkulu wabanika khona emva kokuba umusa usubanike u—umprofethi, ne—neNsika yoMlilo nakho konke, kodwa babefuna into ethile ababefanele baqophisane ngayo, ngakho Wabayeka bahlale phandle lapho ehlane kwaze kwathi izilwi ezindala zonke zaphela.

154 Wathi, "Babephandle lapho ngesinye isikhathi, bebhubha ngendlela efanayo eniyiyo. Manje, kunemigudu phandle lapho, kunenqwaba yemigudu lapho leloDwala lisalokhu lilele ehlane ngaleya, kodwa," wathi, "ufanele umbe ukhiphe inqwaba yezinto."

155 Lowo ngumbono kulobubusuku, mfowethu, akusikho ukuqala inhlangano entsha, kungukugubha okukuyo. Kunjalo. Into yokuqala lolo oludala, ugodo olubolile lwenhlangano, uluphonsa ngaphandle komgudu. Imigudu yezibusiso zikaNkulunkulu yonke ivaliwe kulobubusuku, izingodo zenhlangano zibekwe kuyo. Khona-ke olunye ugodo lubekwe phandle lapho olubizwa—olubizwa ngokuthi, "Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele," uma umba phansi bese ushaya lologodo, luphose ngaphandle. "Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, lowo nje owababafundi kuphela," kumbe ukukhiphe.

156 "UMoya oNgcwele wawungowabaphostoli nje." UDkt. uSimoni Petru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Ungowenu, nowabantwana benu, kubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

157 Omkhulu, umfowethu okahle oyiPentecostal wangitshela, akukudala, wathi, "Asisakudingi okunye ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngeke ngisho ngikuvumele ukuba kwenziwe ebandleni lami." Wathi, "Sinodokotela abakahle nezinto namhlanje, kuthatha indawo yalokho." Mm, mm, mm! Niyabona ukuthi—niyabona ukuthi hlobo luni logodo oludala olungena lapho na? Kwenzani na? Kumisa ukugeleza kwamanzi.

158 Umbono ka-Elisha wamkhombisa lokho phandle lapho kulelohlane, khona impela lapho izithelo zoma khona, ungaqali inhlangano entsha, enye imvula noma okuthize, vele uhlanze imigudu lapho imvula yokuqala ingageleza khona, amanzi alapho, uKristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. NaleloDwala elishayiwe lalisehlane, futhi Lisekhona kulobubusuku, akabongwe uNkulunkulu.

159 UJesu wabahlanzela khona futhi eKalvari, kodwa babuyela emuva ngqo, baphosa izingodo emuva phakathi futhi, bavimba konke . . . Uyazi ukuthi kwenzani ukuphosa ugodo emgudwini, okukwenzayo. Awu khona-ke, zonke izinhlobo zokungcola zishaya kulolugodo futhi ziluhlanze, futhi into yokuqala uyazi, unawo onke amanzi ehlehlile, njengoba kwenza izilwane zasemanzini amabhiva, futhi enza idamu, futhi awunalutho lokudlula kukho. Kunjalo.

160 Sinabaningi kakhulu abashumayeli abangamabhiva namhlanje, bezama ukuvimba onke amanzi, futhi bathi, "*Lokhu* kungokwethu, *lokhu* yithina nje lapha, *lokhu* kungokwethu." Futhi kwenzekani kulo na? Liba ngelingagobhozi. Yileyo indaba ngenqwaba yezinhlangano zethu, zizama ukusekela amanzi enhlanganweni yakho kuphela, awasagobhozi.

161 Niyazi amanzi angahambi athola laba onoshobishobi abancane kuwo. Yileyo indaba ngebandla namhlanje, ukutshikiza okuncane phakathi *lapha* bese kuba ukutshikiza phandle *lapho*. Yonke into . . . "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Angikwazi ukuhlala ngithule imizuzu emihlanu emhlanganweni. O, bakithi! Amanzi angahambi, amadamu amabhiva, liqhumise. Amen.

> Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
> Lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
> Kusuka onke amabala azo ecala.

162 UmProfethi wathi, "Yehlela lapho bese umba zonke lezozingodo."

"Awu, ngiyakutshela-ke, mProfethi, sifanele sibuyele emuva futhi sibe nomunye umoya ovunguzayo onamandla na?"

"Qhabo."

"Singaqala enye imvula yamuva na?"

"Qha, qha. Hlanza umgudu nje, yilokho kuphela ofanele ukwenze."

163 Sinabantu, bahlanze nje umgudu. Abantu bakahle, tholani imigudu ihlanzwe ukuze uMoya oNgcwele ukwazi ukungena. Bonke ubuhlanya benu, nezimfundiso ezigqamileyo, nakho konke okunye okusebandleni, hlanza into uyikhiphe. IDwala

selivele lishayiwe, amanzi afreshi, ayageleza, kodwa izinqubo zethu zobufundisi basesontweni sezenziwe idamu imifudlana.

164 Wathi, "Hlanza lezozinto. Awuyikudingeka ube nomunye umoya ovunguzayo. Awuyikuzwa-moya noma ubone noma iyiphi imvula, kodwa nokho ayoba khona amanzi lapho." O, mfowethu! Hhayi inqubo entsha, hhayi inqubo entsha esiyidingayo, esikudingayo ngukuhlanza inqubo esinayo. Hhayi ukwenza enye iAssemblies of God, noma enye i-Oneness, kodwa nje uhlanze i-Oneness nama-Assemblies esinayo.

165 Khipha zonke izingodo kulo, yonke imehluko, ukuqophisana nokuphikisana, nezinto ezinjalo ziqhele kubo, amanzi azophinde ageleze futhi. Kuyoba khona uthando, ukujabula, ukujabula njengomfula, kugeleza nje kuwo wonke umuntu, ngothando nje omunye nomunye.

Asihlukene,
Sonke singumzimba owodwa;
Munye ethembeni naseMfundisweni,
Munye othandweni.

166 Yilokho-ke, niyabo. Yileyondlela esifanele sikwenze ngayo. Yilowo umqondo. Lowo ngumbono wanamhlanje. Lokho kwakuyi, lowo kwakungumbono wa*lowo*mprofethi. Umprofethi weqiniso unombono ofanayo namhlanje. Hhayi entsha—hhayi inhlangano entsha, iqala into ethize futhi yenza elinye iqembu, ubuyovele nje uqophisane nakho futhi ukuhlele futhi ukuthole njengakho konke nje, ubuyophosa izingodo kukho futhi.

167 Ngenkathi ngiqala ukuphumela enkonzweni, abaningi babo beza kimi, base bethi, "Awu, Mfowethu Branham, ubufanele uqale inhlangano encane."

168 Ngathi, "Inhlangano? Si—si . . . Yilokho engimelene nakho." Ngathi, "Esikudingayo akusiyo inhlangano, kodwa sihlanze into esinayo." Kunjalo, ihlanze. Sidinga imvuselelo, esikudingayo, isikhathi sokumba. Yimba, yimba, lapho umba ujule kakhulu, yilapho uzothola khona amanzi amaningi. Uma umba phansi, uthi, "Awu, ngizophuma nje enhlanganweni," bukani izinto enisenazo phakathi lapho, ububi, umbango, konke okunye, uhlanze umsele uze uyothi ngqu phansi edwaleni eliqinile. Kunjalo. Yehlela lapho amanzi engaphuma ngempela ethululeka ephuma emithanjeni ka-Emanuweli. Linda uze ufike ezansi kuleyondawo lapho, kuyoba khona amanzi athululeka nje njengemithombo, evela, evela khona.

169 "Yimba yonke lemigodi." Wathi, "Yehlela lapha kulezizigodi. Nina bafo ebenizama, nihlala phezu kwendlu phezulu lapho ngaso sonke isikhathi, phezulu entabeni, nimemeza, futhi nigxuma, futhi niba yiqhwa, futhi nithoseka, nakho konke okunye," wathi, "awu, ningakwenzi lokho, yehlelani lapha bese nimba lezi zisele ezansi lapha bese nithola amanzi afreshi." Yilokho esikudingayo.

170 Yehlela lapha bese ubamba amanzi. Esikudingayo, kulobubusuku, ngamanzi kaNkulunkulu. Umbono ngokoqobo wahumusha intando kaNkulunkulu kulabo abafayo, abantu ababhubhayo. Umbono, kulobubusuku, weNkosi ukuhlanza lento futhi iqale kabusha: Hlanza, hhayi ukuqala inhlangano entsha, qala imvuselelo enhlanganweni. Qala umhlangano omusha, uqale ukuvumela uNkulunkulu angene. Yimba ukhiphe konke ukufuna kwakho amaphutha akudala, nokuhleba, nontamo-zilukhuni, nazo zonke lezizinkolelo-ze, nokungakholwa, phonsa into ngaphandle.

171 "Awu, ngiyakutshela, kodwa Mfowethu Branham, beku—kungasho *lokhu*." Angikhathali ukuthi kusho ukuthini, kuphakathi kokuthi uyomba noma ufe. Nonke nina maMethodisti aseChicago, qalani ukumba; maBaptisti aseChicago, qalani ukumba noma nibhubhe; MaPentecostal aseChicago, qalani ukumba noma nibhubhe, nimbe nikhiphe izinto, nikuphonse ngaphandle. Nginitshela u-ISHO KANJE INKOSI, ngaphandle uma nimba nikhiphe lokhu ukonakala okuphakathi lapho, nizobhubha, nesithelo sakho nebandla kuzokoma futhi kufe. Kumbe ukukhiphe.

172 Awuyikuyizwa enye imvula yamuva, noma enye imvula yokuqala, kumbe noma ngabe kuyini, kodwa kuyoba khona amanzi nokuthula njengomfula, ugeleza kuzo zonke izinhliziyo. Yebo, mnumzane. Nizobona izibonakaliso nezimanga, nezimangaliso, namandla kaNkulunkulu ebuyela eBandleni, kwelangempela, iPhentekoste eligelezayo, lehla nje. Yebo, mnumzane.

173 Yebo, mnumzane. Umlayezo kaMoya: Sizoqala ukumba noma siqale ukubhubha. Futhi base bevele bebhubha, ngakhoke babefanele bawumbe. Kumbe, kuhlanzwe, ujule kakhulu, lapho umba kakhulu, yilapho uba ngcono khona. Izinqubo zobufundisi basesontweni inayo yonke imigudu yonke iminyene, donsa lezo zingodo ezindala ziphume: "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Asikudingi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu namhlanje." Ngani, sikudinga kakhulu namhlanje kunoma sake saba nawo.

Wena uthi, "Sinodokotela ababedlula bonke." Kunjalo. "Sinomuthi ongcono kunayo yonke." Kunjalo. "Sinezibhedlela ezingcono kunazo zonke." Kunjalo.

Sinokugula okuningi. Kunjalo. Isizathu unokuningi ukungakholwa. Kunjalo. Yilokho impela. Abantu nje aba . . .

174 Manje, niyaqaphela wathi, "Manje . . ." Ngokusa okulandelayo, benzani na? Sengathi ngiyawabona lawomaHeberu phandle lapho ethi, "Ngiwuzwile umbono weNkosi, umprofethi wakhuluma iqiniso, ngizomba ngikhiphe lento." Shaya ugodo oludala lapho, "Kuyini lokhu na? Amaphesenti ayishumi omholo wami na? Awu, kade

sinamasapha esobho ukukhokhela umshumayeli wethu." Gubha lologodo luphume lapho, lukhiphe lapho, ukweleta uNkulunkulu okweshumi. Lumbe ulukhiphe, uliphose eceleni.

175 Ngokuqondile, washaya olunye ugodo oluncane, "O, yini leyo na?" "Awu manje, ungehli ekugcineni okujulile." Donsa leyonto uyikhiphe bese uyiphosa ngaphandle, yilokho okukubeke ekugcineni okungajulile. Yebo, mnumzane. Phonsa into ngaphandle. Uma umba ujula kakhulu, yilapho uzothola khona amanzi amaningi. Qhubeka nje umba endlini yengcebo kaNkulunkulu, uphonsa into ngaphandle uze ufike lapho ongagcwala khona amanzi angempela okuPhila.

176 Kwase kuthi-ke cishe emini, kwenzeka baqaphela, amanzi afika futhi abazanga ukuthi avelaphi. Ayelapho ngaso sonke isikhathi, bavele bawaminyanisa nje. Kukhona amandla eBandleni. Ngingakutshela, futhi ngizotshela noma yimuphi umfundisi, ngingakukhombisa lapho uNkulunkulu anikeza khona iBandla amandla okuphulukisa abagulayo, likhiphe amademoni, nazo zonke lezizinto ukuba azenze. Futhi manje uza ubeke umunwe wakho emBhalweni lapho uJesu athi, "Manje, Ngiyakubuyisela ngikususa eBandleni manje."

177 Awu manje-ke, kwenzekeni na? Yini indaba na? Unakho kuminyene, umqondo wakho uqobo ozenzele wona ukuminyanisile. Nginganitshela lapho uJesu athembisa khona ngalolusuku lokugcina, futhi nginikhombise ukuthi lezizibonakaliso enizibona zenziwa, ukuthi uMoya kaNkulunkulu uzongena eBandleni futhi ukhombise imibono, nokunye nokunye kanjalo, njengoba Enza, futhi u—uzama ukukufakazisa ngesinye isikhathi futhi uthole ukuthi ukuphi.

178 Isizathu sokuthi izinto ingukuthi, nonke niminyaniswe yizinqubo eziningi kakhulu zobufundisi basesontweni kini, konke kuminyene. Yimba into uyikhiphe, bese uyilahla, bese udedela amanzi agobhoze.

179 Cishe ngesikhathi kuqala ukusa, o, mfowethu, amanzi ageleza ngokukhululeka, evela kuleloDwala elishayiwe elalisalokhu liphandle lapho ehlane. Unguye izolo, namuhla, naphakade, into kuphela oyenzayo ngukususa zonke izingodo ezindala endleleni.

180 Khipha konke ukungakholwa okudala endleleni, ucoshe lokho kungakholwa futhi ukulahle, uthi, "Awu manje, lalelani, uJesu wakwethembisa, futhi angikhathali ukuthi noma ubani uthini, ngiyakukholwa." Yilokho-ke. Thatha ugodo bese uluphosa ngaphandle, uthi, "UNkulunkulu wakwethembisa, ngikubona khona lapha phambi kwami, bengihlala njalo ngihlekisa ngakho, bengicabanga ukuthi bekuyiphutha, kodwa manje ngizokukholwa, ngakho ngizothatha lolugodo oludala bese ngiluphosa ngaphandle." Futhi uthi nje ungasusa lologodo

lusuke endleleni, amanzi amnandi okuthula kukaNkulunkulu azogobhoza, njengomfula, ayogeleza kuwe.

181 Wena uthi, "Awu, bengi—ngihlala njalo ngimangala ngokuphulukiswa." Nakhu engikutholayo abantu, ukuphulukisa: Lapho uNkulunkulu efika lapha futhi Azifakazise ukuthi ulapha phakathi kwenu, niyazi ukuthi kuyini na? Nelula isandla, nizama ukusebenzisa ukukholwa ngembali i-orchid, ukukholwa kwakubhecwa ngokhula, ihisopi. Ihisopi nje wukhula olujwayelekile.

182 Uzama ukusebenza ukukholwa, ungeke wasebenza ukukholwa. Ukukholwa kujwayeleke kakhulu, kungukukholwa okufanayo ohamba uyophuza amanzi ngakho, ukukholwa okufanayo o—oshayela ngakho imoto yakho. Niyabo, kujwayelekile nje. Wena . . . Awu, ihisopi, ungalithola limila emhlabathini, liphuma emifantwini yesakhiwo, nomaphi. Futhi ngenkathi bebheca igazi ngehisopi, kwakungukubheca ukukholwa.

183 Bheca ukukholwa nje nge com- . . . bheca iGazi ngento ejwayelekile nje, njengokhula eliwukukholwa. Kodwa uzama ukuqalaza macala onke bese uthi, "Uma nje bengingathola imbali i-orchid ukuba ngibhece esami, engikukholwayo kuJesu! Uma nje bengingake ngize ngifinyelele futhi ngibambe imbali i-orchid!" Awudingi imbali i-orchid, thatha ukhula olukuwe ngqo. Thatha ukukholwa oya nakho ekhaya, thatha ukukholwa okukulethe lapha. Sebenzisa leyonto efanayo kulobubusuku, futhi ubhekisise ukuthi kuzokwenzekani, o, mfowethu, akusoze kwabakhona ukungabaza engqondweni yakho, uma kungukuthi ngempela, iGazi libhecwa ngalolohlobo lokukholwa, angikhathali.

184 Wena uthi, "UJesu Kristu unguye izolo naphakade. Ngiphosa zonke izingodo ezindala zobufundisi basesontweni nakho konke, ngaphandle kwenqubo yami, khona lapha manje, futhi Nkosi Nkulunkulu, ngokukholwa nje okwejwayelekile ukuthi ngiyaKukholwa ukuthi unguMsindisi wami, UnguMphulukisi wami." Amen. Amen. Kholwa lokho kanjalo, futhi nje uzwe ukuthula njengomfula. Ukuphophoza okukhulu okuvela kulowoMthombo ongakomi neze, lowoMthombo nje uzothululeka phansi, lapho ukhipha zonke izingodo ezindala, qhubeka nje umba.

Uma ushaya into ethize phakathi lapho ekwenza . . . Uma wenze into ethile engalungile, uthi, "Ngi—ngikweleta u*S'bani-bani* imali." Awu, hamba uyikhokhe.

185 Wena uthi, "Awu, angikwazi ukumkhokhela." Hamba umtshele ngakho-ke. Kunjalo. Ungacashi ngesihlahla ngakho, hamba umtshele. Niyabo? Bese-ke umtshela, uthi, "Ngizokulungisa, Mfowethu, nginike isikhathi esincane nje. Ngilungiselela ukuqondisa kahle."

"Awu, ngiyakutshela ukuthini, ngahlekisa ngalabobantu ababizwa ngamaPentecostal."

186 Sukuma bese uthi, "Ngiyaxolisa ukuthi ngikwenzile." Kunjalo. Uthi, "Nkosi, Uyayazi inhliziyo yami. Bantu, ngithetheleleni." Futhi uzoluzwa lologodo oludala luphuma, amanye amanzi amaningi azothululeka phakathi, o, he, nje ayogingqika angene.

187 Into yokuqala niyazi, uthi, "Bengihlala njalo ngicabanga ukuthi leyomibono yayingekadeveli, kodwa ngiyabona manje ingekaNkulunkulu." Kulungile, khona-ke lologodo oludala luzosuka, khona-ke amanzi azoqala ukuthululeka futhi. Kunjalo. Nje khipha yonke into esiseleni, amanzi akhona. Uyakukholwa na?

188 IBhayibheli lathi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Ngakho UseyileloDwala elishayiwe, Usenakho ukuPhila, usanawo amanzi, Unawo amandla okuphulukisa. Wena uthi, "Mfowethu Branham, uJesu uzongiphulukisa na?" Usevele ukwenzile, susa izingodo nje endleleni.

189 Thola yonke imfucumfucu, namabhakede amadala, nemithombo, *phh*, *mm*! Khipha zonke lezozinto endleleni. Amadala, amahhashi afile, nezinto zobufundisi basesontweni ezilele endleleni yakho, phosa into iphume kukho, UNkulunkulu akazukungena akukho bufundisi baseso-. . .kuyongcolisa amanzi. Namanzi awazukungcoliswa, ngakho-ke khipha ukungcola okungokwakho, kokungakholwa, futhi uNkulunkulu uzothela amanzi phakathi, sekuvele kukhona, into kuphela ofanele uyenze ngukugudluza imbangela nje, ikhambi selivele lenziwe.

190 UNkulunkulu usevele ukuphulukisile, ufanele nje ukhiphe ukungakholwa kwakho endleleni; lowo ngumbono. Ngisho lokho eGameni leNkosi, ngokufanayo njengoba u-Elisha akusho ngalolosuku, ISHO KANJE INKOSI, susa ukungakholwa kwakho endleleni, bhekisisa ukuthi kuzokwenzekani.

191 Khiphani izinqubo zenu endleleni, bhekisisani ukuthi imvuselelo enjani ezogadla eChicago. Bhekisisani ukuthi imvuselelo enjani ezogadla ezweni, uma sisusa izinqubo zethu endleleni. Sisuse imibono engeyethu endleleni futhi sivumele . . . UMoya usuvele. . .IDwala selivele lishayiwe, into kuphela esifanele siyenze, nje sisuse izinto endleleni futhi siyiyeke igeleze. Uyafuna ukubona abantu bephulukiswa na? Uyafuna ukuthola ukuphulukiswa wena na? Nje susa konke ukungabaza endleleni, bese-ke ubona ukuthi kwenzekani, kuzogeleza njengomfula.

192 Kwase kuthi ngokusa okulandelayo, isitha sabheka phezulu, futhi sabuka ngapheseya lapho, futhi ngenkathi sikwenza, kwakungamanzi, kodwa esitheni, indlela ilanga elalikhanya ngayo, kuphela lalibukeka njengegazi, futhi kwamethusa.

Kunjalo. Futhi kwathola omunye omncane, umcabango oyisithutha wasebenza emqondweni wakhe, wamcupha kuwo ngqo.

193 Wathini umprofethi kubo na? Wathi, “Ngani, manje, lokhu kuyinto encane eNkosini. Uma nonke nje nisusa zonke izingodo endleleni, ngizokunakekela konke okunye.” Uma uzothola—uma ususa konke ukungakholwa endleleni, uNkulunkulu uzokunakekela konke okunye kwakho.

194 Niyazi ukuthi kwenzekani na? Wathi, “Indoda ngayinye, cosha idwala. Futhi Ngizoninika izwe, Ngizonivumela nilidle.” Futhi indoda ngayinye yathatha idwala futhi lapho isifika laphaya lapho leyomithombo emidala eyiyo ngegama yayikhona, yayinobufakazi obuhle bedwala. Amen. “Akabongwe uNkulunkulu! Nkulunkulu ngiphe uMoya oNgcwele. Ngi—ngifana noSimoni, senginguPetru manje, itshe elincane.” Amen. Futhi wonke umuntu akathole idwala lakhe uqobo sesandleni sakhe, ubufakazi bangempela, obangempela, ubufakazi obuvuthayo!

195 Ngenkathi uJesu efika phambi kukaPetru, wathi, “Igama lakho unguSimoni. Futhi kusukela manje, uyakubizwa ngoPetru, okuyi ‘tshe elincane.’” Mfowethu, wakucosha lokho, wayazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya, wasuka wahamba futhi wavimba imithombo ngegama nje ngakho.

196 Futhi esikudingayo kulobubusuku, ngukuthola lolohlobo olufanayo lobufakazi, ukwazi ukuthi uJesu Kristu uyaphila futhi U . . . Kuyomisa zonke lezizimfakazo ezindala ngegama nje, zithi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo.” Leyomithombo emidala evuzayo, empeleni, onoshobishobi abadala kuyo, iyobavimba.

197 Phosa lelodwala lobufakazi phandle lapho, “UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade,” ngena kuMoya, ufanele ungene kuMoya.

198 Uma uya emdansweni bese uqala ukudansa, baqala ukushaya ihlombe, benza konke lokho kudansa, ume laphaya, uthi, “Mm, e-hhe.” Konke okwakho . . . Ubungeke ube ngumdansi na? “Impela. Yebo.” U*qinisekile* emoyeni wakho. Qhabo, bayakuqhumisa, futhi badanse, futhi badazuluke, futhi bampongoloze.

199 Yileyondlela othola ngayo imvuselelo. Kungenkathi ungena ngempela eMoyeni wemvuselelo, hhayi ukukuqhumisa, noma okuthize, kodwa ngokukhuleka phansi, kuze kube khona imvuselelo eshaya inhliziyo yakho, kuze kube zonke izingodo zobufundisi basesontweni, nazo zonke izingodo zobuhlanya, nazo zonke izingodo zezinqubo, nazo zonke izingodo zokungakholwa ziyagobhoza ziphume, bese kuthi-ke amanzi kaNkulunkulu eza ehlela phezu kwakho. Nakho lapho okhona.

200 Khona-ke ubufakazi bakho khona: Ungeke ubheme osikilidi emva kwendlu, naphandle lapha kulobubusuku, ugxumagxuma ebandleni, futhi uthi unoMoya oNgcwele. Uyithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo, abantu bayakwazi lokho. Lapho uphuma lapha nalo lonke loluhlobo lokuphila, abesifazane bephungula izinwele zabo, futhi bependa izindebe zabo, futhi bethi, "NgiyiPentecostal." O, wena ompofu, olusizi . . .?. . .

201 Abanye benu bashumayeli abanabadikoni ebandleni lenu, enabafazi abane noma abahlanu abehlukene nezinto ezinjalo, uthi, "NgiyiPentecostal." O, o, o, o, o, o, o! Izwe linomqondo ongcono kunalokho, bahlakaniphe ukwedlula lokho. Yebo, mnumzane. O, he!

202 Uphume lapha, ubheje imijaho yamahhashi nakho konke okunye, bese-ke uzibiza, futhi iningi lenu liyohlala ekhaya futhi lilalele ithelevishini ngaphambi kokuba niye emhlanganweni womkhuleko, futhi nithi, "NgiyiPentecostal." O, o! U*bizwa* nje ngokuthi uyiPentecostal, awunaso *isehlakalo* sePhentekoste. IBandla liyinto yokuqala enhliziyweni yakho, mfowethu. Yilokho kuphela kukho konke, nguNkulunkulu, uNkulunkulu, yilokho kuphela ongakubona futhi wazi ngakho, nguNkulunkulu.

203 Lelo yiqembu eli*bizwa kanjalo* ngePentecostal, futhi lathi, "Awu, manje leyonto ingumbhedo, ungakukholwa lokho." Niyabo? Kodwa umbono weNkosi ufika ngeZwi leNkosi. Yimba konke lokho, yimba konke lokho kungakholwa kuphume ukuze amanzi okuPhila akwazi ukugeleza angene ngokukhululeka, futhi uzomisa konke lokhu lapha uthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." IBandla malibuyele emuva ngempela.

204 Uthi, "AmaPentecostal awalutho kodwa nje isigejane sokuzenzisa." Yehlela phansi ngqo futhi umbe phansi uze ushaye phansi ekugcineni kwedwala, uvumele kwenzeke isehlakalo sePentecostal kuwe futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani, mfowethu, akukho-muntu ongabeka umunwe empilweni yakho. Yebo, mnumzane. Uyisikwele njenge, e, uqonde njengombhobho wesibhamu, futhi ungumnumzane ohloniphekile ngempela, uyindoda yangempela kaNkulunkulu, ungowesifazane wangempela kaNkulunkulu.

205 Lapho ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele, uphawu lukumacala omabili ephepha, bangakubona uza, bakubone uhamba. Bayokwazi ukuthi ubukeka okwe, uziphathisa okwe, ukhuluma njenge, futhi—futhi—futhi uzihlanganise njenge, futhi ungumKristu, lapho ubekwe uphawu ngoMoya oNgcwele. Wena . . . UNkulunkulu ulungele ukukwenza, uma sesilungele ukuMvumela akwenze. Uyakukholwa lokho na?

206 Manje, yini elandelayo okufanele yenziwe na? "Ngabe into elandelayo, Mshumayeli, kuwe ukuba uze ubeke izandla

phezu kwami na?" Lokho akuhlangene ngalutho nakho, lokho kungahle kwenze, kukugqugquzele entweni ethize encane, kodwa lokho—lokho akusikho. Into okufanele uyenze, mfowethu, ngukwemukela iZwi likaNkulunkulu futhi uthi, "Liyiqiniso futhi ngiyaLikholwa. Futhi ngithole izinqamu ezindala phakathi lapha, ngiphosa phandle khona manje, ukungakholwa kwami, futhi ngikuxazulula noNkulunkulu, Ngizokholwa." Kholwa ngensindiso yakho.

207 Manje, manje, angikwazi ukukutshela ngensindiso yakho, ufanele uzisebenzele lokho wena. Kodwa uKristu usaphila futhi uyabusa. Ulapha kulobubusuku. Niyakukholwa lokho na? Yini onayo, yenze na? Ngena kuMoya, futhi lapho ungena kuMoya, khona-ke ubona umbono.

208 Kodwa inqobo nje lapho uthi, "Awu, akabusiswe uNkulunkulu, ngiyiMethodisti. Angidingeki ukuba ngibekezelele okunjalo." "NgiyiBaptisti." "Ngiyi-Assemblies." "Ngiyi-Oneness." Kulungile, qhubeka, awusoze wawubona umbono. Kodwa phosa leyonto eceleni bese ungena embonweni, ubone uJesu eza nebandla libhubha lapha, bese ungena embonweni, umbe wehle ngqo, mfowethu, ngiyakutshela, kukhona okuthile okuzokwenzeka kuwe ngaleyonkathi, uzongena eMoyeni wemvuselelo. Niyakukholwa na?

Sonke masingene eMoyeni-ke futhi sikukholwe. Asikhothamise amakhanda ethu sisaMcela ukuba asiphe imibono.

209 Baba waseZulwini, sisezweni elibhubhayo, sisesizweni esibhubhayo, sisezweni elibhubhayo, futhi sishumayela kubantu ababhubhayo. Futhi ngingu, ngingumuntu nje, nalaba abanye abashumayeli bangamadoda nje, kodwa Wena unguNkulunkulu ongabhubhi.

210 Ngikhuleka kuWe kulobubusuku, Nkosi, ukuthi lomlayezo engiwukhulumile, nokwethuka kwami kwezinyanga eziyisithupha zokuhamba futhi ngisongelwe, ngingahle ukuba angikusho kahle nje, Nkosi, kodwa uma ngi—uma ngingakwenzanga, Wena vumela uMoya oNgcwele nje kube bushelelezi futhi ukhiphe yonke imibimbi, Nkulunkulu, njengoba nje Wenza ku-Abrahama. Futhi wathi yena, siyazi wayenezingxaki zakhe, futhi wa—futhi wangabaza, futhi, kodwa ngenkathi incwadi ehlaziya ngokukaNkulunkulu yempilo yakhe ilotshiwe, ngani, kwathi akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo.

211 Ngakho-ke Nkosi Nkulunkulu, konke ukungabaza kwami okuncane, namagama apelwe ngokungesikho, nokuphumisela ngokungesikho, kanjalonjalo, makuthi uMoya oNgcwele nje akwenze kube bushelelezi, futhi afake ukuhlaziya

kwangempela kobuNkulunkulu kuzo zonke izinhliziyo zalomlayezo kulobubusuku, esiphila kuwo.

212 Futhi kusekhona inceku kaNkulunkulu, kusekhona abantu abathanda uNkulunkulu, futhi kukhona uNkulunkulu Obakhathalele, futhi kukhona uMsindisi owashaywa eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, Owalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, wachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo nangemivimbo yaKhe *sa*phulukiswa thina, uMsindisi ofanayo owathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

213 Nkulunkulu, kwangathi zonke izinqamu ezindala zingasuswa, nawo onke amabhakede amadala agqwalile, nezinto zingasuswa endleleni kulobubusuku, futhi kwangathi amanzi okuPhila angageleza ngokukhululeka. Nkulunkulu ngiphendulele ngaphakathi futhi ungigeze futhi ungenze ngihlanzeke, Nkosi, futhi ungigcwalise ngoMoya waKho njengamanje. Futhi ugcwalise lababantu lapha ngokukholwa, ukuthi uma kungabakhona oyedwa ezansi lapha ongakholwa, ukuthi bangahle babone futhi bakholwe, ngoba siyakucela, eGameni likaJesu. Futhi kwangathi i . . . khona-ke bona, bonke, bangene kuMoya futhi sonke singagcwaliswa ngoMoya, futhi sonke siphulukisiwe futhi sasindiswa kulobubusuku. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,
Kusuka onke amabala azo ecala.
Lisusa onke amabala azo esono,

Asiphakamise izandla zethu nje, ngenkathi . . .

. . . wonke amabala abo ecala;
Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,
Kusuka onke amabala azo ecala.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

Elifayo . . . [UMfowethu Branham uyahamisha—Umhl.]

214 O Baba Nkulunkulu, siyafa manje ngakho konke ukungakholwa kwethu. Dala kithi i—isifiso sokumba manje. Siyamba, Baba. Ngihlole futhi ungivivinye futhi ubone uma kukhona ukungakholwa kimi, Nkosi, uma kukhona, ngisize ukuba ngikususe endleleni khona manje. Ngisize ukuba ngihlanze lokhu, umgudu ophumayo, ukuze amandla kaNkulunkulu akwazi ukugeleza.

215 Siza lezizethameli njengamanje, Nkosi, ngiyazikhulekela. Ngikhulekela ukuthi Uzovumela yonke imigudu ihlanzeke. Hlanza lonke ibandla elimelwe lapha, Nkosi, bonke, kusukela kwenye inhlangano kuya kwenye, hlanza konke ukungakholwa

kuphume, Nkosi. Hlanza zonke izinqubo zezwe iphume kulo, kwangathi inhlanganyelo emnandi kaMoya oNgcwele ingangena ngemigudu kaNkulunkulu, igeleza lapha kulobubusuku, iletha isambulo esisha, iZwi lokuPhila, kwangathi Lingaphuma kulobubusuku, lingene kuwo wonke umphefumulo lapha.

216 Futhi ngiyazi ukuthi wena Ulapha, Nkosi. Futhi babheka kimi njengomboni waKho, njengekholwa laKho, ukuba othile enze isibonelo. Futhi Baba Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzongisiza kulobubusuku, ukuze uMoya oNgcwele ube nokufinyelela okukhululekile emphefumulweni wami, nenhliziyo yami, impilo yami, amehlo ami, ubuntu bami, hhayi kimi kuphela kodwa kuwo wonke umuntu lapha, ukuze labo ongakholwa, babone uMoya usebenza ngamakholwa futhi uthi, "Uma wona, lawomanzi engageleza esuka kuleloDwala elishayiwe adabule kuwo, angageleza ngami, futhi." Siphe khona, Baba. Ngiyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

217 Futhi Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa abazalwane bami lapha, emva kwami, lamadoda ayigugu, amanye awo yayishumayela iVangeli ngenkathi ngisengumfana oyisoni, Nkulunkulu, yiphe kulobubusuku, amanye alamadoda ahlezi lapha, kade esensimini isikhathi eside, angamaqhawe, anezibazi.

218 Izikhathi eziningi izinqubo zihola amadoda, ngesinye isikhathi, uku. . . kodwa phansi enhliziyweni yabo Nkosi, ba—ba—bafuna ukubona umnyakazo kaNkulunkulu. Khona-ke sithola ukuthi udeveli akenzi ne*yodwa* into, uzokwenza *okunye*, futhi khona-ke uzoxova into ethize, noma agxumeke into ethize, futhi kubenza bathi ukuhlehla kancanyana. Baba, kwangathi zonke izinhliziyo zingavulwa, kulobubusuku, eMthonjeni wangempela.

219 Manje, Nkulunkulu, ngingakhuluma, ngingumuntu nje, bengingakwenza, ngingahle ngenze noma yiluphi uhlobo lwenkulumo-mbiko, ngingahle ngikwenze kuzwakale kahle, kodwa noma kunjalo bekungeke kube nguWe, iZwi nje elivela kuWe lizokufakazisa, Nkosi. Wena wathi, "Uma ekhona phakathi kwenu ongu—umprofethi noma ongowomoya, Mina iNkosi ngizokhuluma kuye, ngimkhombise imibono, ngikhulume kuye ngamaphupho. Futhi uma akushoyo kufezeka, khona-ke muzweni, kodwa uma kungafezeki, ningamesabi lowomuntu, ngoba aNginaye, kodwa uma kwenzeka, khona-ke kuzweni."

220 Manje, Baba Nkulunkulu, ngikufakazisile lokho, noma, kulobubusuku ngemiBhalo nangabo bonke ubusuku, ukuthi UnguKristu, U—UyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi Washaywa ukuba ususe izono zethu nokungakholwa, ukuze ukuPhila kwaKho uQobo kugeleze ngathi. Manje ngitshela abantu ukuthi wena Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu kulobubusuku, Phezulu, phezulu ngaleya esiHlalweni sobukhosi, umPristi

oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Siphe khona, Nkosi, ukuthi kuzoba nezifo eziningi zegazi kulobubusuku, ezimisiwe, ngenxa yokungakholwa okugobhoza kuphume. Ngokuba ngiyakucela, eGameni likaKristu. Amen.

221 Angikholwa ukuthi sibe nekhadi lomkhuleko kusukela ngeSonto eledlule ntambama, okwedlula konke engikukhumbulayo, asiwubizanga umugqa womkhuleko. Kodwa njalo ebusuku, uMoya oNgcwele uphumela ngqo phakathi kwabantu. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Ishumi, ishumi nanhlanu, kanjalonjalo, ngobusuku, konke phandle lapho, abantu abangenawo amakhadi enu omkhuleko.

222 Ngizizwa ngithi ukuba necala ngingawathathi amanye alawomakhadi. Futhi ngiyazi ngithe nje ukuba leyithi kancanyana, kodwa ngithe izolo ebusuku, bengileyithi futhi, ngathi, "Kusasa ebusuku sizozama ukunikeza amakhadi omkhuleko athile." Futhi uBilly, ngimthumele ngale kulobubusuku, futhi ngamtshela, "Nikeza amakhadi omkhuleko athile." Ngakho uyawakhipha.

223 Ungitshele ukuthi ukhiphe uB, owokuqala kuya emashumini amahlanu na? Owokuqala kuya ekhulwini na? B, owokuqala kuya ekhulwini. Kulungile. Baqale ngalapho. Sasikuphi, saqala ngesinye isikhathi, saqala kowokuqala ngesinye isikhathi, asizange na? O, yebo, sibe nobusuku obubili, ngiyaxolisa. Ngokulandelayo siqala u-B, saqala amashumi ayisishiyagalombili, owokuqala kuya e—owokuqala kuya emashumini amabili-nanhlanu, sase-ke siqale kusukela emashumini ayisishiyagalombili-nanhlanu kuya ekhulwini.

Awu, asiqale maphakathi khona-ke, kulobubusuku. Asiqale kusukela emashumini amabili-nanhlanu kuya e—amashumi amabili-nanhlanu kuya emashumini amahlanu, ake sithi. Kuzoba kanjani lokho na?

224 Ubani onoB, amashumi amabili-nanhlanu na? Phakamisa isandla sakho. Omunye wesifazane lapho na? Yenyukela lapha ngqo, nenekazi. Amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha? Kulungile, nenekazi, yenyukela lapha. Bagcwele isakhiwo sonke.

225 Manje, lapho umfana eza ukuzonikezela lamakhadi, uyafika futhi awaxube phambi kwenu, ukuze nje akunike ikhadi, noma ngabe kukuphi, futhi siwabiza kusukela endaweni ethile. Niyabo, i, akekho owaziyo ukuthi lawa azoqala kuphi, siqala nje ukusuka kwenye indawo kuya kwenye.

226 Manje, kukuphi lapho okuye...? Amashumi amabili-nanhlanu, bekungenjalo na? Amashumi amabili nesithupha? Amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha, ubani onamashumi amabili-nesithupha na? Kulungile, amashumi amabili nesithupha, khona lapha. Amashumi amabili nesikhombisa. Ubani onekhadi lomkhuleko elingunombolo

B, lamashumi amabili nesikhombisa na? U-B njengase—seBoston, amashumi amabili nesikhombisa. Kulungile, amashumi amabili-nesishiyagalombili, ubani onamashumi amabili-nesishiyagalombili na? Angisiboni isandla, ngiyacela. Amashumi amabili-nesishiyagalolunye? Amashumi amathathu? Amashumi amathathu-nanye, ubani onamashumi amathathu-nanye na?

227 Ngifisa sengathi ubungalinda nje ngize ngibize inombolo yakho ukuze ngiqiniseke. Ngoba omunye umuntu oyisithulu, noma okuthize, bathi, "Mfowethu Branham," bangibhalela ikhadi, "inombolo yami—yami yabizwa, kodwa ngangiyisithulu futhi akukho-muntu owangitshela futhi wa—wacabanga, bathi ubucabanga ukuthi ngiphumile." Futhi kwangathi-. . . "Nga—ngangikhubazekile, angikwazanga ngisho nokuphakamisa isandla sami, futhi—futhi akukho-muntu owangiphakamisa." Niyabo? "Futhi angizange ngisho ngikhulekelwe."

228 Uyakhulekelwa, mntwana othandekayo, ukhulekelwa ubusuku bonke. UJesu u, khona manje, uyakunxusela, ngakwesokunene soMkhulu, futhi Ufuna nje uMkholwe.

229 Kulungile. Bengikuphi na? Amashumi amabili nesithupha? Amashumi amabili-nanye, -nambili? Kanjani . . .? Kuphi—kuphi, Mfowethu na? Amashumi amathathu-nanye. Amashumi amathathu-nambili, amashumi amathathu-nambili. Kulungile. Amashumi amathathu-nantathu. Amashumi amathathu-nane. Amashumi amathathu-nane. Angiwuboni, amashumi amathathu—amashumi amathathu-nane. Ikhadi lomkhuleko lamashumi amathathu-nane. Uma uthola ikhadi . . . Omunye umuntu akaqalaze, mhlawumbe omunye umuntu oyisithulu, isimungulu, noma ongakwazi ukusukuma. Amashumi amathathu-nane, angifuni ukukugeja. Mhlawumbe baphumile. Amashumi amathathu-nane, amashumi amathathu-nanhlanu. U-B, amashumi amathathu-nanhlanu. Kulungile. Kulungile. Amashumi amathathu-nane, ngabe amashumi amathathu-nane asengenile na? Amashumi amathathu-nane, u-B, amashumi amathathu-nane. Amashumi amathathu-nanhlanu ubephakathi lapho. Amashumi amathathu nesithupha.

230 Ungesabi. Uma wona, kuvume, futhi, ukwenze ngokungesikho, futhi bekuyombozwa yiGazi lapho ufika lapha. Niyazi ukuthi kwenzekani lapho ufika lapha uma unesono esingavunyiwe, awazi na? Awu, ungalithathi-ke ikhadi. Khuleka kuqala, bese-ke uthatha ikhadi. Niyabo?

231 Kulungile, asiqale umugqa womkhuleko, khona-ke. Kulungile. Angazi, bangaki eninabo lapho na? Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili. Isithathu ngufakazi. Lokho kuzoba kuhle ngokwenele. Kulungile.

232 Kuthiwani ngawe laphaya ongenalo ikhadi lomkhuleko na? Ake sikubone uphakamisa isandla sakho. Uyagula futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise. Nomaphi esakhiweni, angikhathali ukuthi ukuphi. Uthini na? Amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesikhombisa, amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, amashumi amane. Nakho kuphuma okubili kulokho. Amashumi amane kuya emashumini amahlanu. Bathathu. Omunye. (Ngicabanga ukuthi ngenza okungalungile, anginjalo na? Bengifanele nje ngishumayele bese ngibiza ukubizela e-altare.) Kulungile. Kulungile, asiqale umugqa womkhuleko manje, uma nithanda.

233 Wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela, wonke umuntu hlonipha ngokuzithoba nje njengoba ungaba njalo manje. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. *Kholwa kuphela*, Mfowethu, uma uthanda.

Kuphela . . .

Kube ngumlayezo oqinile impela, kulobubusuku. Sifuna uMoya ukuba uze manje.

. . . kholwa kuphela,

234 Manje, beseza, ngithanda ukubuza lokhu: Uma—uma uKristu Engazifakazela ukuthi ulapha, bangaki kini abazoMkholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, uzolahla zonke izinqamu na? Ngabe ukhona noma ubani ongakaze abe komunye wemihlangano yami ngaphambili na? Phakamisa isandla sakho. Awukaze ube komunye wemihlangano yami. Kuyinto enhle ukuthi bonke abezi ngobusuku obufanayo.

235 Kulungile bazalwane, nonke ningikhulekele, nizokwenza na? . . . ? . . . [UMfowethu Branham ukhuluma nabafowethu emsamo, amaningi amazwi akhe awaqondakali. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

236 Abazalwane bami, bengibabuza nje, leliqembu emva kwami, ngizothola leloqembu emuva lapho likhuleka, kukhona okuthile okuzokwenzeka, amadoda angoqobo ngempela kaNkulunkulu.

237 Manje yibani nokukholwa nje. Awu, ngiqagele inkundla izoqala kulobubusuku . . . Ngi—ngifuna ukusho kuqala kinina bantu, ubusuku ngabunye bekunabaningi kakhulu, okungenani angikholwa ukuthi sibe nobusuku, ngaphandle kokuthi sibe nesishiyagalombili okungenani, noma ishumi, noma ishumi nanhlanu izigameko eziqondile nje kuso sonke isakhiwo. Ngabe kunjalo na? Nonke nina bantu obelapha na? Niyabo?

238 Manje, kinina zifiki, manje, angizisho ukuthi ngingumphulukisi ngokukaNkulunkulu, angikholwa ukuthi ukhona umuntu onjalo emhlabeni, ngikholwa ukuthi uJesu Kristu unguMphulukisi. Futhi U—Usevele ukwenzele konke Ayengakwenza, ngoba ngenkathi Eshaywa emuva lapho,

WayeyileloDwala. Niyakukholwa lokho na? WayeyiNsika yoMlilo, uNGINGUYE. Futhi U . . . Into kuphela esifanele siyenze ngukususa izigaxa endleleni. Anikukholwa lokho na? Awu khona-ke, Usevele uphulukise wonke umuntu ogulayo lapha, wonke umuntu usevele uphulukisiwe, sonke isoni sesivele sisindisiwe, kodwa, mfowethu, kungcono ukwamukele, futhi, ngokuphulukiswa kwakho.

239 Bukani lapha nje, sasinowesifazane lapha ngobunye ubusuku, enikeza ubufakazi. Awu, bamkhuphulela lapho etabernakele, esikhathini esingeside esedlule, nalowo wesifazane wayephume kakhulu *kanje*, wayengakwazi ngisho nokuhamba, enethumba. Amadoda ayefanele amthwale futhi amhlalise ezitebhisini. Ngangingakhulekeli abagulayo ngalobobusuku, futhi wangidumela ngasemlenzeni webhulukwe, ngikholwa ukuthi kwakunjalo, ephuma, futhi ngaphenduka ngo ISHO KANJE INKOSI.

240 Nalowo wesifazane wayelapha ngobunye ubusuku, enamandla nje futhi ejwayelekile ngakho konke. Niyabo? Futhi konke . . . O, he! Asizami . . . A—angikukhangisi, nezinto, futhi kuqhubeke kanjalo. Ngoba, izikhathi eziningi, uJesu wathi . . .

241 Ngicabanga ukuthi okuyindaba namhlanje, senza ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kube ubukhazikhazi kakhulu. Niyabo? Akusibo ubukhazikhazi. Yingalesosizathu nginitshelile, futhi ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami, iChicago ibona lokhu isikhathi sabo sokugcina. Niyabo? Ngiyakukholwa. Ngikholwa ukuthi sonke isizwe sinjalo, futhi. Ngiyahamba, niyabo, ngakho ngi—ngiyakholwa. Futhi niyakhumbula, niyakhumbula ukuthi Wathini, Wangitshela enginitshele khona.

242 Angikaze nginitshele lutho eGameni leNkosi, kodwa lokho okwenzeka nje ngendlela okwakusho ngayo. Nginibuza lokho manje. Niyabo? Awu khona-ke, uyangikholwa. UKristu usevele ukuphulukisile, ufanele ukwemukele. Kodwa manje, ukuba-ke Ubemi lapha nalesudu Angipha yona, egqoke lesudu na? Manje, uma ubungeza kuYe, uthi, "Nkosi, Ungangiphulukisa na?"

243 Ubeyothi, "Phonsa izingodo uzisuse endleleni. Ngizama ukucindezela indlela yaMi ngize kuwe, kodwa ukungakholwa kwakho yilokho okukumisayo."

244 Manje, nakhu—nakhu, kinina zifiki ezintsha, nansi i—inkundla yaseBhayibhelini, uJesu kwisikhomb- . . . isahluko 4 sikaJohane oNgcwele, wafika kowesifazane emthonjeni, obizwa ngo . . . owesifazane waseSamariya. Sonke siyayazi leyondaba. Futhi Wazazisa kanjani Yena uqobo kuye njengoMesiya na? Wenzani na? Wathi . . . owesifazane wathi kuYe, wathi . . . Wathi kowesifazane, "Ngiphuzise." Wayexhumana nomoya wakhe.

245 Wathi, "Amanzi . . . umthombo ujulile futhi Awunalutho lokukha." Futhi wathi . . . Bona, awu, bakhuluma ngenkolo-

ke, wayefuna ukukhuluma ngenkolo, "Sikhuleka kulentaba, Wena uthi eJerusalema, ngoba . . . " Wathi, "Besi—singafanele sihlanganyele ndawonye, ngoba UngumJuda futhi ngingu—ngumSamariya."

Futhi Wathi, "Sifazane, hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

Wathi, "Usho kahle. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

246 Manje, yathini inkonzo ngalokho ngalolosuku na? Manje, lapho ngithi *inkonzo*, angibhekisile ku*lolu*hlobo lwabefundisi, labo bafowethu, inhliziyo enhliziyweni kanye nami. Ngiqonde inkonzo ehlekisa ngalokhu, futhi ithi akukho lutho kukho, hhayi izinhlangano ezingesekayo, lezo ezinakho, ezinenqubo kaNkulunkulu kukho. Kodwa yilaba abanga . . . abaphika lento, yilokho engikhuluma ngakho, niyabo, ukuphika kwakho, lowo othi, "Akukho lutho kukho, kungokukadeveli." Leyo yindlela efanayo abayenza emuva lapho.

247 Kodwa lowo omdadlana, owesifazane oyisifebe, wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, siyazi, siyafundiswa, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uzositshela lezizinto." Manje, bangaki abaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Kunjalo.

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

248 Futhi wagijimela emzini wayesethi, "Wozani," watshela—watshela lawomadoda, wathi, "wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto e—engizenzile. Lowo akusuye yini uMesiya impela na?" NeBhayibheli lathi wonke umuzi wakholwa kuJesu, Akazange aphinde akwenze, Wakwenza nje lokho kanye, ngoba owesifazane, lowo wesifazane oyisifebe, wabatshela ukuthi uJesu wamtshela ukuthi wayehlala nendoda engalungile. Nomuzi wonke wakholwa ukuthi WayenguMesiya, ngoba leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

249 Manje, uma ucabanga ukuthi isayense yezenkolo iyisibonakaliso sikaMesiya, futhi—futhi leso yi—futhi leso yisibonakaliso esikhulu kuna*lesi*, uJesu wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza," futhi nithi ukushumayela iVangeli kuyimisebenzi emikhulukazi, kulungile, bese-ke niza lapha futhi nenze imisebenzi emincane. Nanku umsamo, zisize. Yenyukela lapha, bese wehla ngalomugqa womkhuleko, makuthi uMoya oNgcwele uphume ezethamelini lapho, phezu kwakho. Ake ngikubone wenza *leyo*misebenzi *bese-ke* uhamba ushumayela iVangeli; khona-ke uyakwenza, wenza imisebenzi emikhulukazi.

250 UJesu wayengenakuwushumayela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngoba Wawungakafiki. Lowo yimisebenzi emikhulu

kakhulu, futhi impela kunjalo. IBandla lizoshumayela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, UJesu wathi wawuza, kodwa iBandla linawo, lithi, "Sinakho, futhi kungokwakho." Niyabo? Ngakho lokho kwakungoku*khudlwana*, lokho kuyiqiniso. Kodwa imisebenzi *efanayo* Ayenza, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

251 Manje, nangu owesifazane oyisihambi kimi. Siyizihambi omunye komunye. Manje, ukuze izethameli zikwazi ukuqonda. Manje, bhekisisani inenekazi. Angikwazi, siyizihambi omunye komunye, lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

252 Manje, lapha owesilisa nowesifazane behlangana futhi. Angisenawo umqondo wokuthi yini, ukuthi ungubani lowo wesifazane, noma ukuthi uzele ini lapho, noma, kunanoma yini, uyisihambi uqobo.

253 Manje, ngingahle ngime lapha futhi ngithi, njengokuthi, sinenqwaba yesayense ephathelene nengqondo, sithi, "INkosi ingitshela ukuthi ukhona umuntu onenkathazo yeqolo." Impela, inqwaba yabo phandle lapho unenkathazo yeqolo. "Unenkathazo yemizwa." Impela, isigejane esikhulu sabo. Niyabo?

Ubani na? Kukuphi na? Kwavelaphi na? Kwabangelwa yini na? Kuzokwenzekani kukho na? Leyo yinto elandelayo, niyabo, lokho okwehlukile.

254 Ukuba bengingenyusela lona wesifazane lapha, ngithi, "INkosi ingithumile ukuba ngikhulekele abagulayo. Mangibeke izandla phezu kwakho, ngikugcobe ngamafutha. Udumo kuNkulunkulu, uzophulukiswa," unelungelo lokukholwa lokho, lelo yiqiniso. Kodwa ubengakungabaza, ngesehlakalo sami, sokuthi ngabe ngimtshela iqiniso noma qha, angahle akungabaze lokho. Kodwa lapho uMoya oNgcwele ufika futhi ukhuluma ngezindebe zami futhi umtshele into ethile a*be*yiyo, lokho kususa ifindo kukho khona lapho. Niyabo? Isizathu uyazi ukuthi angimazi. Futhi sobabili siphakamisele izandla zethu kuNkulunkulu, asazani. Manje, nanto iVangeli. Uma lokho kungesilo iVangeli uKristu ayenalo, uma lokho kwakungesikho . . .

255 Ngabe uthi, "Mfowethu Branham, uthi wena unguMesiya na?" Manje, uma ucabanga lokho, kukhombisa ukuthi awunakho ukubona okufihlakeleyo kokomoya. Niyabo? Ngingaba kanjani nguMesiya na? NginguWilliam Branham, isoni esisindiswe ngomusa, uJesu Kristu unguMesiya, kodwa uMoya waKhe uyaphila kithi, uMoya oNgcwele.

256 Futhi abanye benu bantu abangeke bakukholwe, leNto eyenza labantu bakhale, futhi bamemeze, futhi bakhulume ngezilimi, lowoMoya ofanayo, iBha- . . . UPawulu wathi, "Uma kufika omunye phakathi kwenu, nonke nikhulume ngezilimi,

bayothi niyahlanya, kodwa oyedwa makabe ngumprofethi futhi embule izimfihlo zenhliziyo, futhi khona-ke bazowa phansi bathi, 'UNkulunkulu unani,'" awu, niyabo, Yi—YiSipho sePhentekoste, bazalwane, Kungu, Ku—Kungukuthi nje, Kuyi—Kuyinto ethize nje eyenezelwe eBandleni. Ukuthi iBaptisti neMethodisti balwa kanjani nani bazalwane ekukhulumeni ngezilimi, bangenzela into efanayo kulokhu, ngakho, kodwa bamele iqiniso. UNkulunkulu ufanele akuyeke kuqhubeke.

257 Uma ngingakwazi wena neNkosi izongitshela ukuthi uze ngani lapho, into ethile oyenzile, into ethile obufanele uyenze, noma into ethile, isono esithile esisempilweni yakho, noma—noma isibusiso esithize esiphakathi lapho, *into ethize enye* owaziyo ukuthi ngabe iyiqiniso noma qha, uzokwazi ukuthi lokho kuqinisile noma qha. Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho-ke, ukuthi kuzoba njalo...? Kufanele kube uhlobo oluthize lwamandla okomoya, ngoba asazani. Ubungakholwa ukuthi bekungu—bekunguMesiya, hhayi mina, kodwa kube nguMoya waKhe ukhuluma ngami njengoba Ethembisa na?

Ngabe lonke ibandla belingakukholwa lokho nganhliziyonye na? Phakamisa isandla sakho. Ngiyabonga. Manje, kholwani.

258 Owesifazane umi cishe ishumi, amafidi ayishumi nambili ukusuka kimi. Ngiyambuka nje ukuba ngikhulume naye, ngoba emva kokushumayela, kanjalonjalo, njengoba kwenza umprofethi ezansi lapho, futhi angisuye umprofethi, kodwa njengoba umprofethi enza ezansi lapho, wa—wayekade empongolozela lowoJehoramu nabo, ngakho wadingeka nje adlale futhi—futhi akhulume. NoJesu wakhuluma nowesifazane, kodwa kuqala Wadingeka axhumane nomoya wakhe waze Wathola ukugcotshwa.

259 Yilokho engikulindele manje, okwe, ukususa ugodo luka*William Branham* endleleni, ubuhlakani bami, umoya wami, okwami ukwaz-...*ukwazi*, noma yini, futhi ngikhipha konke lokho endleleni, ukuze Asebenzise amehlo ami, izindebe zami ukuba Azikhazimulise phambi kwabantu baKhe, ukuthi nje—ukuthi nje ngizinikele.

260 Njengalokhu *lapha*, leyonto ayikwazi ukukhuluma nhlobo, iyisimungulu. Kuzofanele kube yinto ethize ephilayo lapha, ekhuluma kuyo ukuyenza ikhulume, ayikwazi ukuzikhulumela. Kanjalo bengingekutshele noma yini ngawe, kuthatha iNto ethize enokuPhila okuPhakade, iNto ethize ekwaziyo ukuba ukhulume ngayo, kunjalo. Uyakukholwa lokho.

261 Into eyodwa yinkathazo yakho, ngukuthi, uma abantu besalizwa iphimbo lami, ngiyambona owesifazane, unokwethuka wonke futhi udabukile, uhlushwa yisimo sokwethuka. Manje, lokho kunjalo, kunjalo impela nje.

262 Angazi ukuthi kungani, kodwa njalo nje uma ngisho into eyodwa, njengoba bengihlale ngisho, abantu njalo

bathi (Ngiyakuzwa.), "Ukuqagela." Angikuqageli. Niyazi ngangingenandlela yokukuqagela.

Manje, ngabe bekuyiqiniso lelo na? Uma lokho bekuyiqiniso, okushiwo . . .

263 Manje, bangaki abakholwayo na? Ngiyabonga! Manje, uma u . . . NjengoFiliphu, ngenkathi Emtshela ukuthi wayekuphi, into ethize ngaye, wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli."

Wathi, "Ngoba uyakukholwa lokho, uzobona okukhulu ngokwedlulele." Ngabe kunjalo na? Leso yisithembiso esifanayo.

264 Yima lapho okhona, angazi ukuthi yini engikutshele ukuthi ibingalungile, kodwa noma ngabe bekuyini, bekuyisifo esiyiso obunaso. Ini . . .? Ya, ngiyakubona manje, ya. Ukwethuka, bekungaleyondlela isikhashana impela, kwaqala ngalesisikhathi sokuya esikhathini. Ngaphandle kwalokho, unenkathazo yabesifazane, yiyo, okhathazwa yiyo. Yiqiniso lelo.

265 Bese kuthi enye into, unomuntu othize enhliziyweni yakho omkhulekelayo, kunjalo, hhayi lapha, inkathazo ngamehlo, mama. Kunjalo. Manje, uyakholwa na? Mthumelele leloduku wena o . . . kuyilapho uMoya oNgcwele usephezu kwakho, yonke into izoba kahle. Hamba uye ekhaya. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu.

Manje, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ufanele ube nokukholwa, wethembe uNkulunkulu nje. Manje, unelisekile ukuthi uJesu Kristu . . .?

266 Manje, ningakwenzi, sizani ningayi ngapha nangapha. Ngiyazi sekuleyithi. Aniqondi! Niyabo? Yathini iNgelosi yeNkosi na? "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe." Bese kuthi-ke lapho nina, ngithi, "Hlalani nithule," futhi ningakwenzi, kwenzani na? Kukuphosa kubuyele ngqo ebusweni bami, uSathane uthi, "Uyabo, abakukholwa wena." Abanye benu bayakwenza futhi abanye abakwenzi, kodwa nilimaza abanye. UJesu wabakhipha bonke endlini kanye.

267 Niyabo, ngizama ukuba yikho kokubili umvangeli nomboni, futhi ungeke wakwenza lokho. Kuphakathi kokuthi ngizoya emahlathini futhi ngibe umboni futhi ngingene ngigqishazela nomlayezo wami bese ngibuyela emuva ngiphume, noma ngikubeke eceleni, futhi uNkulunkulu akususe kimi, futhi angivumele ngishumayele iVangeli, futhi ngibe umvangeli.

268 Sawubona, Dadewethu na? Angikwazi. Siyizihambi omunye komunye. Ngabe kunjalo na? Siyizihambi omunye komunye. Ukuze abantu bezokwazi ukuthi siyisihambi, ungasiphakamisa nje isandla sakho, ukuthi siyisihambi. Uma uMoya oNgcwele uzongembulela ukuthi umeleni lapho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? O.

269 Owesifazane ubonakala enomoya omuhle, umoya okholwayo. Yebo, mnumzane. Nakhu kufika. Uhlushwa yinkathazo yenhliziyo, unesimo senhliziyo. A-hha. Unesifo samathambo futhi. A-hha. Unesimo sokwethuka. Unomuntu othize enhliziyweni yakho omkhulekelayo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ubani lowomuntu othize, noma okuthize ngabo, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Ngumntanakho, indodakazi, futhi ayikho lapha, ihlala kude le nalapha, iseCalifornia, futhi ihlushwa ukuhluleka kwemizwa, ISHO KANJE INKOSI.

Manje, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Khonake hamba futhi wemukele. Njengoba nje ucelile futhi wakholwa, kuzoba njalo nakuwe. Kulungile.

270 Woza, mnumzane. Angikwazi. Ngesinye isikhathi iNkosi yethu. . . Ngikholwa ukuthi ababili noma abathathu bokugcina odlulile beku—bekungabesifazane, futhi lona yindoda. Ngisho lokho uJesu akwenza ko—kowesifazane, ngenkathi Ehlangana nowesifazane, manje ake ngifinyelele ndawondawo emBhalweni lapho Ahlangana khona nendoda, ukuze abesifazane nabesilisa babone ukuthi akukho-mehluko kuYe.

271 Ngenkathi Ehlangana noPetru, Wahlangana noSimoni Petru, igama lakhe kwakunguSimoni ngaleyonkathi, Wamtshela ukuthi wayengubani, wamtshela ngaye uqobo. Manje, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ngawe, nangawe uqobo, kanjalonjalo kanjalo na? Bekungakwenza ukholwe na?

272 Umzuzwana nje, kukhona okuthile okwenzekayo. Lelonenekazi elihlezi khona laphaya, kulolohlangothi lwesokunxele, linenkaba enesibhono, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, Dadewethu na? Uma ukukholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungaba nakho okucelayo.

273 Kukhona amadoda amabili alokhu emile lapha. Ukhona othinta umPristi oMkhulu. Nomunwe wakho uphezulu ekhaleni lakho lapho, uhlezi phezulu khona lapha, ndoda, unesifo senhliziyo evuvukele, umdlavuza wesikhumba. UJesu ukuphulukisile, Mfowethu, ukukholwa kwakho kuyakusindisa.

Uthinteni na? Mdala kunalendoda lapha, ngiyabona ukuthi bekukhona umehluko kubo.

274 Manje, uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Into eyodwa, wena unenkathazo ohlangothini lwakho, wuhlobo lweqhubu, isibhono ohlangothini. Kunjalo. Enye into, une— isimo sokuguliswa yimizwa esikunika i—inkathazo yesisu. Kunjalo. Manje, niyakholwa, nonke nina madoda na? Lokho kubonakale kuyindoda elungileyo.

Ake sithathe isikhathi esincane nalendoda. Ngicela nihloniphe ngokuzithoba futhi nithule.

275 Unento ethize enhliziyweni yakhe, ufuna enye into ethize ukuba uNkulunkulu ayisho, kunjalo, ngoba ngingakusho lokho kulangazelela. O, ngani, ngo—ngowesifazane, unkosikazi. Ubenokuhlinzwa, wavuvukala kukho. Kunjalo.

276 Unendodakazi, futhi. Leyondodakazi yake yahlushwa yiTB, yaphulukiswa ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Manje, inesisu esinokwethuka. Yiqiniso lelo. Balapha kulobubusuku, ngiyabezwa lapho emhlanganweni. Bazophila.

277 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Kungakusiza na? Uma Wayekwazi ukutshela uSimoni Petru ukuthi wayengubani! Ungowase-Arkansas, igama lakho nguMnu. Blackwell. Hamba uye ekhaya, uJesu Kristu ukuphulukisile. Izifiso zakho kuhlangatshezwane nazo, Mfowethu.

278 Sawubona, nenekazi na? UngumTopiya, mina ngingu-Anglo Saxon, lokho yizinhlanga ezimbili ezehlukene zabantu. Ukuhlangana okokuqala empilweni, ngiyacabanga. Uma uMoya oNgcwele uzongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngingeyaKhe. . . oNgcwele uMo-. . . umprofethi kaMoya oNgcwele na? Uzokwenza. Yiba nokukholwa nje, ungangabazi, kholwa.

279 Unesifiso esikhulu enhliziyweni yakho. Ngempela ufunisisa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo. Leyo yinto enkulu ukuyifuna. Uma uNkulunkulu elazi igama lowesilisa, Uyalazi igama lowesifazane, naye. Anikholwa kanjalo na? Uma bengingakutshela ukuthi ungubani ngoMoya oNgcwele, ungakholwa khona-ke ukuthi uzokwemukela uMoya oNgcwele noNkulunkulu uzokunika okwakho. . . Nkk. Fitzpatrick, yana ekhaya, uJesu Kristu uzokunika umbhaphathizo.

280 IBhayibheli lathi, ngezinsuku zokugcina, uJesu washo ukuthi u—uMoya uyofika ngezinsuku zokugcina ukwenza lokhu, kwakuyoba nguMoya ofanayo owawukuleyonyama yomuntu eyama yafulathela itende ngomhlane waYo ngosuku luka-Abrahama. Bekunjalo na?

281 Nangu umuntu olandelayo emi emva kwami, ngowesifazane. Uyangizwa, nenekazi, wena osemva kwami na? Kulungile. Ngabe unqekuzisa ikhanda lakhe na? Wena, ngizokubuka. Uma iNkosi izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, ubuka ngapha, khona-ke uyazi ukuthi yiNgelosi kaNkulunkulu efanayo, amandla afanayo uJesu athi ayoba lapha ngezinsuku zokugcina. Nonke nizokukholwa na?

Unenkathazo yabesifazane, inkathazo yamanenekazi, inkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane. Hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

282 Ukuba-ke ngikutshele ukuthi Ukuphulukisile, uhlezi lapho esihlalweni, unaleyonkathazo yenhliziyo, ubungakholwa na?

Khona-ke qala nje ukuqhubeka *kanje*, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

283 Manje, usukulungele ukuhlinzwa ngalelothumba, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Kulungile, qhubeka nje bese uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

284 Manje, ubungethande yini ukuhamba uyodla ukudla kwakho kwakusihlwa kulobubusuku, leyonkathazo endala yesisu isihambile na? Ubuyokwenza na? Qhubeka futhi udle, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

Ungathanda ukuhamba nami ukuya eKalvari ukuyothekelelwa igazi, uqede ngesifo sikashukela na? Hamba ukwenze.

Lelonenekazi elihlezi khona emuva lapho elinesifo sikashukela lingenza into efanayo, uma nje ukukholwa, Dadewethu. Hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

Ngenkathi ngithi inkathazo yesisu esikhashaneni esedlule, lokho bekungokwakho, futhi, ngakho qhubeka nje, udle ukudla kwakho kwakusihlwa, usinde.

285 Kulungile. Omkhulu kakhulu, owesifazane obukeka enamandla kanjalo, nokho ehlushwa yimizwa, leyo yinto enzima kunazo zonke emhlabeni. Usukhululekile manje, uJesu Kristu uyakusindisa. Hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

286 Nenekazi elincane, uyakholwa ukuthi isimo sesifuba somoya sizohamba, futhi uzoba kahle, futhi uye ekhaya, usinde na? Qhubeka nje nokuhamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

Bangaki okholwayo ngenhliziyo yakho yonke na? Nonke, Mkholweni ngayo yonke inhliziyo yenu.

Kuthiwani ngawe na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, u . . .? Qhubeka nje uhamba. Qhubeka nje udumisa uNkulunkulu. Mkholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

287 Kuthiwani ngawe na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uKristu uzokusindisa na? Qhubeka nje uhambe, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi," ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

288 Uyakholwa ukuthi ukahle, nawe na? Awuzukufa hhayi ngokuhlaselwa yinhliziyo, qhubeka nje, kukholwe. Uma nje ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uzoba kahle. UNkulunkulu akubusise. Ubufuna ngikutshele lokho, ngakho konke sekuphelile manje, hamba ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

289 Bangaki abakholwayo ngenhliziyo yenu yonke na? Bangaki ombe wakhipha konke ukungakholwa manje, futhi waphonsa wakhipha zonke izinqamu zobufundisi basesontweni, futhi usukulungele ukwemukela uKristu na? Bekani izandla zenu

phezu komunye nomunye. Leli yihora lesinqumo sakho. Hlalani nithule, wonke umuntu.

[Udade ukhuluma ngezilimi, umfowethu uyahumusha—Umhl.]

290 Amen. Niyabona engisanda kunitshela khona na? Lenkonzo ingumfanekiso ka-Eliya owakhushulwa, no-Elisha wayenesabelo esiphindwe kabili, isabelo esiphindwe kabili. UJesu qobo lwaKhe, Owathumela uMoya emuva, wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Niyabo?

291 Ngiyangabaza ukuthi ngabe lowo wesilisa nowesifazane bayazana noma qhabo, kuyangabazeka kakhulu. Owesifazane okhulume ngezilimi, niyayazi indoda ekuhumushayo na? Uma ungayazi, phakamisa isandla sakho, uma ungayazi indoda.

Le ehumushile, uma ungamazi owesifazane, phakamisa isandla sakho, emuva le ngemuva.

292 Qhabo, mnumzane, akekho kubo owazi omunye nomunye, futhi nampa bebelapha, bakhuluma khona impela nje bezungeza nomlayezo, futhi bawuletha khona impela ukuqinisa. Lapho uJesu ekhona lapha, wazi izimfihlo zenhliziyo, ukhuluma phansi kwesinye isiphiwo esinjalo, isiphiwo sendawo ngesiphiwo sokuprofetha, ngesiphiwo sendawo, ngeZwi laKhe, Nangu. Ngani, he, o, he! Udumo!

293 Bekani izandla phezu komunye nomunye, yilokho kuphela enifanele nikwenze. Thinta uma ugcotshiwe, noMoya oNgcwele uzokunika khona.

294 O Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, gcwalisa lesisakhiwo ngoMoya waKho. Phonsa ukhiphe zonke izinqamu, phonsa ukhiphe lonke ugodo oludala futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angagcwalisa ngoMoya oNgcwele futhi avuthise lelibandla. Ngenani eMoyeni walomhlangano futhi nonke niphulukiswe, eGameni likaJesu Kristu.

295 Haleluya! Niyakukholwa na? Ngabe useMoyeni wokukwemukela na? Yikho lokhu. Khipha yonke into endleleni. Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, sukuma ngezinyawo zakho futhi ukwamukele, eGameni likaJesu. Nakho lapho okhona. Phakamisani izandla zenu. Udumo! Udumo! Amen. Makabongwe uNkulunkulu!

